

ISINEKE



Ngiyabonga. Ngiyakubonga, Mfowethu Joseph. “Manje ng’yakholwa.”

Manje ng’yakholwa, manje ng’yakholwa,
Konke kuyenzeka, manje ng’yakholwa;
Manje ng’yakholwa, manje ng’yakholwa,
Konke kuyenzeka, manje ng’yakholwa.

² Asikhothamise izinhliziyo zethu manje eBukhoni baKhe. Baba wethu waseZulwini, siyabonga kuWe futhi, kulobubusuku, ngenxa yokuthi Ubunathi usuku lonke, futhi uqondise izinyathelo zethu. Futhi sibuthene ndawonye futhi, kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu othandekayo. Futhi silapha phansi kwamathemba amakhulu. Sibheke manje isikhathi Ozosipha ngaso uvothwondaba lwalokhu ukubuthana ndawonye, ukuthi lapho Uzophilisa abagulayo, bonke abantu abahluphekile kulobubusuku. Kwangathi kungebekhona muntu obuthakathaka oshiywa phakathi kwethu kulobubusuku. Kwangathi ukukholwa kwabo kungaphakama, Nkosi, kusukela. . . futhi bangabe besabuka izinkathazo zabo, kodwa kuLowo Oyikhambi, noma iselapho, ezinkathazweni zabo. Futhi, Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzohlephula iSinkwa sokuPhila kithi, kabusha, esivela eZwini laKho, elizosikhuthaza. “Ngokuba ukukholwa kuvela ngokuzwa, nalelo iZwi likaNkulunkulu.” Futhi sizoKudumisa, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

³ Ningahlala phansi. Ngijabula kakhulu ukubuyela lapha kulobubusuku. Ngisanda kwedlula ngomnyango nje phandle lapho, emizuzwaneni embalwa edlule, futhi bekunesixuku esikhulu sabantu behamba begayana, behamba behla benyuka nemigwaqo. Nom—mshayeli webhasi washo ukuthi, noma u. . . Ngiyaxolisa. Umshayeli wetekisi wathi, “Labobantu abezanga esontweni, bezile na?” Ngathi, “Yebo, mnumzane. Abakwazi ukungena,” ngasho. Abantu bazisho ukuthi abantu abathandi ukuya esontweni. Niyabo? Kodwa ba—ba. . . Ngikholwa ukuthi iVangeli nokho linga—lingamandla adonsayo amakhulu kunawo onke kwakhona emhlabeni, nokho ebululeni baLo.

⁴ Ngibenesikhathi esikhulu sokudla kwasekuseni seFull Gospel Business Men kulokhu ukusa. INkosi isibusisile. Ihlange nathi lapho ngendlela enkulu. Bebethengise, ngikholwa ukuthi bathe, amathikithi angamakhulu ayishumi nesikhombisa, futhi bangenisa amanye futhi amakhulu amathathu, base-ke ababe besadedela-muntu angene, futhi bama ezikhaleni zezihlalo nangaseminyango. Ne—neNkosi, ngenkathi senza ukubizela ealtare, yasinika abaningi, ukuba

baphakame, ukuba bemukele ukuPhila okuPhakade. Ngakho lokho sikubonga kakhulu.

⁵ Futhi—futhi manje-ke ngifuna ukubonga omunye umfowethu. Akakwazanga ukungena phakathi phandle lapho, angicabangi. Futhi wa—wanika uBilly, esikhashaneni esedule, ikhathoni lezinhlamvu zesibhamu i .22, enzela mina. Futhi nginazo emuva lapha. Ngizozijabulela, impela. Ngiyabonga kakhulu, uma ungaphandle futhi ukwazi ukukuzwa, noma ngaphakathi, noma ngabe kungaphi. Impela ngi . . .

⁶ Leso bekuyisibusiso esikhulu kimi, ngezinye izikhathi, ukudubula okuqondiwe. Futhi, manje, ufanele ube nento ethize yokuthi ukudedela ingcindezi. Futhi ngakho yileyondlela engikwenza ngayo, ngesinye isikhathi uma ngithola ithuba, futhi ngingalithola, ngani, ngigijimela phandle esijwini bese ngidubula isikhashanyana, ukuba nje ngidedele isitimu. Ni . . .Ngikholwa ukuthi uJesu wathi, “Asizeni sodwa ehlane ingcosana.”

⁷ Manje, sinithanda kakhulu impela! Futhi kusasa yiSonto, futhi wonk’umuntu ufuna ukuya esontweni ngeSonto. Futhi ngiyazi, noma qiniso impela, nonke niyazi lapho i—i (ngizama ukuthi isonto lamatshe, yilo) iRock Church yilo. Yilelobandla elixhasa lomhlangano, ngiqagele, nabanye bavakashela lapha. Nani zihambi ongowangaphandle kwedolobha, ongena emhlangaweni, futhi uma ninga . . .Manje uma unesikhundla somsebenzi, yana lapho. Yilokho ofanele ukwenze. Njalo yima esikhundleni sakho somsebenzi. Lowo ngowakho—lowo ngumsebenzi wakho kuNkulunkulu nakumelusi wakho, kulo lonke ibandla. Kodwa uma ungenandawo ongaya kuyo, ngiqinisekile ukuthi ubuyokwemukeleka ngempela eRock Church, ngokuba i . . . ngiqagele bamemezele izinkonzo.

⁸ Futhi—futhi nina bantu enithola ukusindiswa kulemihlangano, asazi neze. Manje, ngokwejwayelekile senza ukubizela ealtare, esikubiza ngokubizela ealtare, niyabo, na—nalokho kulungile. Anginalutho olumelene nalokho. Lokho kuhle. Kodwa ngiyakholwa, uma uzokhumbula umBhalo, ba—babengenakho ukubizela ealtare. “Abaningi abakholwayo, niyabo, benezelwa ebandleni.” Amakholwa!

⁹ Futhi—futhi uma ungenalo ibandla, awu, ngiqinisekile ukuthi uMfowethu Vick ubengakwemukela ebandleni lakhe, kumbe noma yiyiphi yalawa amanye amadoda ngapha. Uma ubungakabi nombhaphathizo wamaKristu, xhumana nawo. Futhi ungami. Qhubeka nje uhambe, qhubeka nje uphikelela.

¹⁰ Singeke sazi neze, asazi ngisho neze ukuthi bangaki ophiliswayo. Nani belusi, bazalwane, khumbulani nje, uma umhlangano usuphelile, mhlawumbe amaviki, omunye ukhuphukela kuwe, njengenenekazi elincane, futhi uthi, “Uyazi, ngangivame ukuba nenkathazo yabesifazane. Ayisekho lapho.”

Omunye, “Mina—mina, niyazi, khona manjalo, angibange nje ngisabafuna osikilidi. Kuvele nje kwasuka konke kimi.” Niyabo? Bona, baphilisiwe, abaningi kakhulu, ungeke wababiza. Uyabo, kundawo zonke nje. Futhi angikaze ngibe nomhlangano namanje kodwa lokho okube yimiphumela kamuva, lapho iNkosi ephilise khona abantu futhi bebengenakho ukukuzwa ngayo leyonkathi, kodwa ba—baphilile. Futhi into yokuqala niyazi, bebe, bavele basukume nje futhi basuke bahambe, futhi sekuphelile. Kodwa mhlawumbe abakuqondi ngayo leyonkathi, kodwa, ku, masinya sekuphelile.

¹¹ Ngiyakhumbula, eFinland, kudala. Ngiqagele kunabantu abangamaFinishi lapha. Kwakunomfanyana owayevuswe kwabafileyo. Mhlambe nayifunda—funda incwadi yakho. Izindaba zangena, zonke eRashiya. Kodwa ngakubona embonweni kungakenzeki, iminyaka emibili, futhi ngakusho esizweni sonke.

¹² Ngiyayikhumbula leyontombazanyana engumFinishi, ngalobo busuku imi phandle lapho ehholo, futhi yayinomlenze owoedwa othi awube ngama-intshi ayisithupha noma ayisishiyagalombili umfishane kunomunye. Yayinesicathulo esikhulu esakhiwe saphakama, ine—nebhande eliyithandele, nelinye lisozwaneni lwayo, ihhuku elincane. Futhi yayine—nebhande ehloambe layo, futhi lize lanqamula *kanje* futhi lehlele ozwanini lwesicathulo sayo. Yayinezinduku ezimbili zokuqhugela. Nomfo obukeka emanikiniki bandla. Kwakuthi njalo uma ihamba ukuba inyakaze, yayifanele iphakamise lolonyawo ngehloambe layo, lelobhande; bese-ke ilushovela ngaphandle *kanjalo*, bese ilubeka phansi, bese-ke ibeka induku yokuqhugela phansi. Futhi sasidingeka si . . .

¹³ Sasikulokhu abakubiza (manje umfowethu ongumFinishi, udade lapha, a—angilibizi kahle leli) Messuhalli, futhi lithatha bonke osonhlamvu. Futhi babededela cishe izinkulungwane ezingamashumi amabili zingene, noma kumbe kwakuyini; bese-ke bebakhipha, bese-ke bededela mina ngikhulume kwezinye izinkulungwane ezingamashumi amabili.

¹⁴ Nomfanyana wayekade evuswe kwabafileyo, eKuopio, wayekade ebulawe yimoto. Futhi, o, he! Abawusakazi umculo wokuzibinya nezinto lapho, yizindaba nje nezinto, ngakho lokho kwafinyelela ezindabeni. Futhi beza besuka le eRashiya, enhla phakathi lapho.

¹⁵ Futhi, ngabona, ngalobobusuku. Lokho kwakusemva kwempi ngqo, cishe iminyaka emihlanu, ngiqagele, emva kwempi. Futhi ngabona amasosha amaRashiya namasosha angamaFinishi, egaxene, ethandana, embambathana emhlane. Noma yini eyokwenza umRashiya ambambathe umFini, iyoxazulula izimpi, lokho kuthatha uthando lukaJesu Kristu ukwenza lokho.

16 Kodwa lawomasosha amakhulukazi obukhomanisi emi lapho! Sedlula eqenjini lamasosha angamaFinishi amancane, abafa abancane babengakaze bashefe namanje, ubuso obuphapheme, befake lawomabhuzu amakhulu, beza behla ngomgwaqo, bebhekisise abantu. Ayeminyene nje macala omabili, kuyibanga lezindlu zasedolobheni. Nalawomasosha emi eshaye indesheni, izinyembezi zehla ezihlathini zawo. Athi, “Siyokwemukela uNkulunkulu ongavusa abafileyo.” Niyabo? Ayizidalwa ezingabantu njengoba siyizo.

17 Kodwa okuyikho, into ezisho ubuKristu futhi ingavezi miphumela, ayibeka eceleni. Afuna ubuqiniso obuthize. Niyabo, yingalesosizathu obukhomanisi buvukile, ngenxa yokwenzela phansi kwebandla. Ibandla linecala lobukhomanisi, ngoba kwaba yilo elenzela phansi. Futhi manje cabangani nje, ipesente elilodwa leRashiya manje ngubukhomanisi, ipesente elilodwa. Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye abantu asalokhu engumKristu. Akudingayo yiqiniso eMlilweni, nomprofethi eno ISHO KANJE INKOSI. Lokho, niyabo, lokho bekungaqhuba umbutho wobukhomanisi uyongena olwandle. Esikudingayo, ngukuthi, adinga ubuKristu bangempela.

18 Nalamasosha amaRashiya emi lapho ngalobo busuku, ngingena egumeni elincane bese ngingena ehholo elincane. Nalentombazanyana, angisoze ngayikhohlwa, yayi—yayinezinwele ezingamanikinikana neziketi ezincane zimanikiniki. Futhi yayiphumile e—ekamelweni lamanenekazi. Futhi atshelwa ukuba angangikhathazi.

19 Ngangiphumela emgwaqeni futhi ngithenge uswidi. Ngi—nginabantwana, qobo lwami, futhi ngi—ngiyabathanda abantwana. Ngicabanga ukuthi noma ubani ongabathandi abantwana, kukhona okungalungile kubo. Futhi ngakho lababafo abancane, ngangiba nentambo ende ngangohhafu weblokwe, ingilandela. Ngangibapha uswidi. Babengipha enye yaleyomali lapho, futhi yayingalungile lapha, engamaphepha amakhulukazi kanjalo, futhi ngangithenga uswidi. Angazi ukuthi ngangithengani, kodwa ngiwapha bona. Base-ke bewabuza emigwaqeni, niyazi, uma ngihambahamba, athi nje ukuqhubeka futhi anganginaki, ngiqagele, ukuze kutholakale ukuzivocavoca okuncane.

20 Kwase kuthi-ke ngenkathi ngifika ngalobobusuku, leyontombazanyana yacabanga ukuthi yayenze okuthize okungalungile, futhi ngiyazi ukuthi yayigwacise ikhanda layo elincane. Futhi yabuka phezulu ngamehlo ayo amancane al’hlaza s’bhakabhaka, futhi yayizobona ukuthi ngangizothini.

21 Namasosha amabili phambi kwami, ayeye emnyango. Futhi ayecula elithi *Kholwa Kuphela*. Amanye futhi amabili ayesemva kwami. Ngawaqhweba, “yimani.”

²² Ngangifuna ukubona ukuthi lowomntwana wayezokwenzani. Wayethi akabe, ngiqagele, ethi akabe neminyaka eyisishiyagalombili ubudala, ishumi. Ngafunda kamuva, wayengcane, umFinishi, intandane yasempini. Uyise nonina babebulawe empini yaseRashiya. Futhi ngakho nga—ngambuka umfo omncane, futhi—futhi wayenalezizinduku zokuqhugela. Futhi wayecabanga ukuthi ngangikade... wayenze okuthize okungalungile, niyazi.

²³ Ngase ngimbuka. Ngathi, “Ufuna ukungibona na?” Futhi, kusobala, wayengasiqondi isiNgisi. Ngase ngiqhweba ngomunwe wami kuye, eze laphaya. Wayesephakamisa ikhanda lakhe wayebukeka ewuhlobo oluthi ukuba nobungane. Wakhapha lezizinduku ezincane zokuqhugela, wayesephakamisa isitho sakhe esincane, okuthi akube kanjalo. Futhi nangu eza, ehamba ngaphezulu.

²⁴ Ngacabanga, “Ngizobona nje ukuthi umntwana wenzani.” Futhi ngavele nje ngama lapho *kanjalo*. Futhi wasondela kakhulu ngempela kimi, wayesengibuka; wayesebuka phezulu *kanjalo*, wayesebuka phansi. Ngacabanga, “Ngizobona nje ukuthi wenzani.” Wayesecosha ibhantshi lami, walibuka lisesandleni sakhe, wase anga iphakethe lebhantshi lami, wayesebeka isandla sakhe phansi.

²⁵ Ngangizothi kuye, “dadewethu omncane,” ngangingazi ukuthi ngizokhuluma kanjani. Ngase ngibuka phandle ngaphambili, ngambona egijima ehla ngomgwaqo, ephile nje saka njenganoma yimuphi umntwana. Ngase ngithi manje, angikwazanga ukukhuluma naye, ngathi, “S’thandwa, uJesu Kristu uyakuphilisa.”

²⁶ Wayesehosha isiketi sakhe esincane, umFinishi omncane uqobo, wayesethi, “Kiitos.” Lokho kuchaza ukuthi, “ngiyabonga,” niyabo, ngokwanga iphakethe. Ngi—ngiyakholwa, ukuba ngangikade ngingumzenzisi omkhulu kunabo bonke ezweni, uNkulunkulu wayeyohloliphapha lokho kukholwa komntwana.

²⁷ Futhi ngakho yena, ngacabanga, “Awu, uzokuthola, emva kwesikhashana, noma kanjani. Niyabo, kuzoqhubeke, uzophila, ngoba sengivele ngimbonile embonweni.” Kuzofanele kwenzeke! Engikuxoxayo, kuzofanele nje kube yikho.

²⁸ Ngakho ngalobo busuku, kwakukade kube nezinto eziningi kakhulu iNkosi eyayizenzile, futhi ngase ngizothi nje ukulungela ukuhamba. Ngase ngithi, “Awu, biza abanye nje futhi abambalwa.”

²⁹ Nomfowethu wathi, “Qhabo,” wathi, “u...” NoMfowethu Baxter wathi, “Usukhandlekile manje, Mfowethu Branham.” Wathi, “Manje, uele nje—yeka nje manje, woza, ngoba sifanele siye kwenye indawo.” Wayesethi, “Uele nje...”

³⁰ Ngathi, “Awu, ngizwa nje kuthi mhlawumbe angibe cishe nabanye abane noma abahlanu, kunabangingi kakhulu lapha.”

³¹ Futhi ngakho olandelayo emgqeni womkhuleko bekuyile yontombazane encane. INkosi iyazi nje ukuthi izinto zisetshenzwa kanjani nje kahle. Ngakho ngathi, “Nkk. Isaacson...” Angahle abe lapha manje. Wayeyiphimbo lami laseFinland. Futhi ngakho ngathi, “Manje shono amazwi nje engiwashoyo.” Wathi, “Kulungile.”

³² Ngase ngithi, “S’thandwa, iNkosi uJesu ikuphilisile, yakuvuza phandle lapho, ngalokho okwenzile.” Ngathi, “Manje yana laphaya futhi ube namanye amadoda ukuba akhumule lezozinsimbi. Bhekisisani nje ukuthi kwenzekani.” Yayisixhuga inqamula emsamo. Ngase ngiqhubeka nabanye babo abasele.

³³ Emizuzwaneni embalwa, nansi iza nezicathulo, ithwele izinsimbi; iphile nje saka, zombili izitho zizinhle ngakho konke, futhi igijima yehla yenyuka ngezitebhisi. Niyabo, ukukholwa, ukukholwa, uthando luthola indawo yalo. Kunjalo.

³⁴ Ngibe nesehlakalo esincane namhlanje, futhi nje nginikhombisa ukuthi isho ukuthini inhlanganyelo. Mina, isikhathi sokugcina lapha eNew York, noma ngangingapha kuMfowethu Hudson, ngiyacabanga, e...Lowo, angicabangi ukuthi lokho kwakuseNew York. Lokho ngukuthi, angazi ukuthi yiyona yiphi iNew York ngapha. Futhi nje yonke iNew York, kimi, kusukela le eTucson lapha, kubukeka kuyiyo.

³⁵ Ngakho manje-ke ngangivame ukuza lapha noDadewethu Brown noMfowethu Berg. Ngiqinisekile ukuthi abangingi benu bayabazi. Futhi kade ngizama ukuthola lowo ongcewele omdala othandekayo, usuku olwedlule noma ezimbili. Futhi kwakungekho-muntu esontweni, kwase kuthi-ke namhlanje ngamthola kutelefoni. Ngathola umlindimnyango. Futhi, awu, ngangicabanga ukuthi ngangikhuluma nentombazane eneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, unokuxhuma okukhulu ephimbweni lakhe. Ngathi, “Dadewethu Brown, ubungeke neze uqagele, nge—ngenyanga yamaSonto, ukuthi ubani lo.”

Wayesethi, “Ayibusiswe inhliziyo yakho, impela bengengeke.”

³⁶ Futhi nje ejabule ngakho konke. Ngathi, “UMfowethu Branham,” wayeseqala ukudazuluka nje; into endala nje enomoya omnandi.

³⁷ Futhi uneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nantathu ubudala, futhi ushumayela kabili ngeviki. Futhi cabangani nje, wangena enkonzweni ngingakazalwa. Futhi ngase ngilungele ukuyeka; ngangicabanga ukuthi sengiguge kakhulu, niyazi. Ngathatha ukukhuthazela okusha.

³⁸ Futhi ngamtshela ukuthi bengilapha noMfowethu Vick ngapha. Nezinto ezinhle azisho ngoMfowethu Vick! Ngiyanitshela, lokho—lokho kwenza... Lobo ngubuKristu bangempela. Omabili amasonto amakhulu, khona lapha eNew York, kungekho-mncintiswano phakathi kwawo, niyabo, nje abafowethu nodadewethu bangempela kuKristu. Ngiyanitshela, lokho kusho olukhulu kakhulu kumelusi, niyazi. Omabili lapha, amasonto amadala asungulwa kanje, futhi nje asalokhu engumfowabo nodadewabo, esebenza ngokubambisana. Yileyo ndlela esifanele sikwenze ngayo. Lokho kuhle kakhulu. Ngicabanga ukuthi lokho kuyancomeka kuMfowethu Vick, ngomsebenzi wakhe omkhulu lapha weNkosi, nokubezwela kwakhe okukhulu abanye, futhi bobabili. INkosi ibavumela baphile eside, isikhathi eside namanje.

³⁹ Futhi, Mfowethu Vick, bengicabanga ukuthi sesiguge ngempela, kodwa sisengabantwana namanje, uyabo. Sisengabantwana nje.

⁴⁰ Ngikhumbula uMfowethu Bosworth ngenkathi efa, wayenamashumi ayisishiyagalombili-nane. Ngathi, kwathi angishise imoto yami endala, ngokwehlela lapho ngiyombona. Ngase ngimbona evuka, ikhanda lakhe elincane elinempandla, waphakamisa izingalo zakhe wazeneka kanjalo. Ngavele nje ngawela ezingalweni zakhe, ngase ngidazuluka, “Baba wami, baba wami, izingqola zikaIsrayeli nabamahhashi-ke!” Ngase ngithi, “Mfowethu Bosworth, ngifuna ukukubuza,” ngathi, “uyagula na?”

Wathi, “Qhobo.”

Ngathi, “Awu, yin’indaba na?”

⁴¹ Wathi, “Sengiya eKhaya nje.” Ya, niyakwazi ukuba namancoko kwakhe.

⁴² Ngase ngi—ngithi, “Awu, Mfowethu Bosworth,” ngathi, “Kukhona engithanda ukukubuza khona. Sasinini isikhathi sakho esihle ukwedlula zonke na?”

Wathi, “Khona manje.”

Ngase ngithi, “Nokho uyazi ukuthi uyafa na?”

⁴³ Wathi, “Ngeke ngafa.” Wathi, “Ngafa cishe eminyakeni engamashumi ayisikhombisa eyadlula,” washo. Wathi, “Ngi—ngiyisidalwa esisha kuKristu.” Wayesethi, “Mfowethu Branham, konke engikuphilele, iminyaka engamashumi ayisithupha edlule, bekuyiNkosi uJesus. Futhi, noma ngamuphi umzuzu, ngibheke Yena ukuba ahambe angene emnyango futhi ngihambe naYe iPhakade.” Ngacabanga.

⁴⁴ Ngikhumbula uPaul Rader. Bangaki abangamkhumbula na? Abaningi bayamkhumbula uPaul ngenkathi efa phandle lapho. Futhi babiza, babene... IsiKhungo seBhayibheli sikaMoody, ngiyakholwa, sathumela ezansi o—os’cula ngabane

abancane ukuba bamculele. Futhi babecula elithi *Eduzane kakhulu, Nkulunkulu Wami, NaWe*, niyazi. Futhi wathi... Wayenamancoko, niyazi. Wathi, “Ubani ofayo, yimi noma yini na?” washo. Wathi, “Ake nisho,” wathi, “phakamisani lezozisitho, futhi ningiculele amanye, ningiculele elinye elimnandi iculo leVangeli elisheshisayo.”

⁴⁵ Futhi bacula, “Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami wafela khona, phansi lapho ekuhlanzweni esonweni ngakhala khona!”

⁴⁶ Wathi, “Lokho kuzwakala kangcono.” Wathi, “Uphi umfowethu, uLuke na?”

⁴⁷ “Awu, uLuke wayengafuni ukubona umfowabo efa, ngakho wayesegunjini elilandelayo.”

Wathi, “Hambani nimlande.”

⁴⁸ Futhi uLuke noPaul bahamba ndawonye, njengoBilly Paul, indodana yami nami sihamba ndawonye.

⁴⁹ NoLuke uyangena, wazama ukuziqinisa ngezinsimbi, wayesebamba isandla sikaPaul. UPaul welula isandla wayesemthola, wathi, “Luke, sesihambe ibanga elide sindawonye, asihambanga, mfowethu na?”

Wathi, “Yebo.”

⁵⁰ Wathi, “Kodwa kucabange! Emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhloneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.” O, he! Lokho yilokho-ke.

⁵¹ Mangihambe kanjalo. Yilokho-ke, ngembethe ukulunga kwaKhe! Emizuzwini embalwa kusukela esikhathini ayebambe ngaso izandla zomfowabo, “Ngizobe ngimi eBukhloneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.” Wacindezela izandla zomfowabo, wayeseya kohlangana naYe. O, he, kuyoba wusuku olunjani nje lolo, lawomasosha angamaqhawe!

⁵² Niyabo, ngimi lapha ngixoxa nani, futhi sonke isikhathi sami sesihambile, futhi ngiqagele yileyondlela esihamba ngayo. Elesishiyagalolunye nqo, kodwa ngizosheshisa, kulobubusuku, impela impela. Nje nginemiBhalo embadlwana nje.

⁵³ Ngibhala phansi imiBhalo futhi ngazi ukuthi ngiwuthathisele kuphi olandelayo. Ngesinye isikhathi ngenze i... ngibhale igama ligqame, bese-ke ngibuza uMfowethu Vayle ukuthi lisho ukuthini, ngaphambi kokuba ngingene, niyazi. Ngingahle ngilikiphe eBhayibhelini lapha, futhi uyangitshela ukuthi ngilibize kanjani. Futhi ngakho ngisilele kakhulu kakhulu emfundweni.

⁵⁴ Kodwa ngithembisile kulobubusuku ukukhulekela abagulayo. Futhi manje inhloso yami enkulu, imihlangano yami—yami, yisizathu ngingenazo izikhathi eziningi kakhulu; kanye noma kabili, mhlawumbe, ngesikhathi somkhankaso,

ngizokwenyusa abantu njengoba ngizokwenza kulobubusuku, ngaphandle kokubona okufihlakeleyo, ngoba ukubeka izandla nje phezu kwabagulayo. Abantu abaningi bayakukholwa lokho. Manje, lokho, lokho ku—lokho kuhle. Lowo ngumBhalo. Niyabo? Kodwa niyakhumbula, lolo kwakuluhlobo lwesiko lamaJuda. Niyabo, uJayiru wathi, “Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi iyakusinda.”

⁵⁵ Kodwa umRoma wathi, “Angifanele ukuba Ungene phansi kophahla lwami. Khuluma iZwi nje!” Bhekisisani ukuthi wafakazani. Wathi, “Nami ngingumuntu ophansi kwamakhosi.” Wayeyinduna yekhulu. “Futhi ngi—ngithi kulendoda, ‘ayihambe’ futhi ihambe. Nakulena ‘ayize,’ ize.” Wayefakazani na? Ukuthi iZwi likaJesu nje lalenele ukuphilisa inceku yakhe; Wayenamandla phezu kwakho konke ukugula. “Shono iZwi nje, inceku yami iyakusinda.”

⁵⁶ Wajika wayesethi, “Angizange ngifumane ukukholwa okungaka kwaIsrayeli.” Niyabo?

Manje yilapho engizama khona ukuthola abantu ukuba bakholwe.

⁵⁷ Niyazi, abantu abaningi bathi, “O, udumo kuNkulunkulu, uMfowethu *uS’bani-bani* wabeka izandla phezu kwami, haleluya, ngasinda!” Lokho kuluhlobo olubukeka sengathi umfowethu wayenento ethize anokukwenza ngayo. Niyabo?

⁵⁸ Manje uma nje ningaqonda uBukhona bukaJesu Kristu, niyabo, futhi nivumele... Yizandla zaKhe okuyisona esisemqoka, niyabo. Futhi nje maMukele, khona-ke akukho-muntu obeke izandla phezu kwakho kodwa uKristu. Niyabo? Uthinte Yena, nezandla zaKhe zithinte wena, uyabo. Futhi akukho-muntu othola udumo nomaphi. Lonke wudumo... Isizathu, yilokho kuphela okungenziwa empeleni. Uma sithatha noma yiluphi udumo, siphanga uNkulunkulu kulo, ngoba uNkulunkulu nguYe owenza ukuphilisa.

⁵⁹ Futhi khumbulani, ayikho into engukuthi njenganoma—noma yimuphi umuntu, kungaba ngudokotela noma umfundisi, ongumphilisi. “NgiyiNkosi uNkulunkulu wenu ophilisa zonke izifo zenu,” niyabo, “zonke.” Akukho-muthi ophilisayo. Akukho-dokotela ozisho ukuthi umuthi uyaphilisa. Qhabo, qhabo. Umuthi kuphela ugcina kuhlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ephilisa. Umuthi ungeke wakha inyama, ungeke waliphesha ithambo. Niyabo? Ungahle usike ukhiphe ithunjana iapendiksi, kodwa ubani ozophilisa indawo eliphuma kuyo, niyabo? Ungahle ukhiphe izinyo, kodwa ubani ozophilisa indawo eliphuma kuyo na? Niyabo? Niyakubona na? UNkulunkulu unguMphilisi, Unguyena kuphela uMphilisi. ImiBhalo awuwaqambi amanga. Iqinisile ngokupheleleyo, ngakho UnguMphilisi.

⁶⁰ Ngibonga kakhulu ngazo zonke i—izinto esinazo, njengemithi abangacabanga ngayo, eyobulala amagciwane. Akukho okumelene nalokho. Ngikukhulekela njalonjalo lokho. Kodwa sithola enye indawo, asinamuthi ukusiza udaba. Bese kuthi-ke enye into, ngezinye izikhathi, umuthi oyophilisa omunye uyobulala omunye. Niyabo?

⁶¹ Kodwa ngiyayazi iToxin lelo ngokoqobo akusilo ikhambi, kodwa iselapho, lelo yiGazi likaJesu Kristu. Ukukholwa kuleloGazi!

⁶² Manje kulobubusuku, o, thina, ngabe uBilly... ngikhohliwe ukumbuzwa. Ngingene ngigijima. Ngabe u—uwakhiphile amakhadi omkhuleko, ngabe uwakhiphile noma akawakhiphanga na? [Omunye uthi, “Yebo, uwakhiphile.”—Umhl.] Uma engawakhiphanga, bengizothi akakwenze manje. Sizoxoxa kancanyana nje ngokukholwa, bese kuthi-ke—kuthi-ke siqhubekele phambili ngqo bese sibizela phezulu lomugqa womkhuleko, futhi sikhulekele abagulayo, ngokubeka izandla phezu kwabo, sizame ukuthola wonk’umuntu endlini esingamthola. Manje, yibani nokukholwa manje.

⁶³ Ngifuna ninginakisise, imizuzwana embalwa nje, njengoba ngifunda leliZwi. Futhi manje ngifuna ukufunda eVangelini likaMathewu oNgewele, ivesi 15... isahluko 15, njalo, ngiqale ngevesi 21. Nalona akusiwo umBhalo omkhulu kakhulu ukufundwa, niyabo, yindikimba encanyana. Kodwa, niyazi, a—akusiyo i—i...Akusikho ukuthi ungakanani; ngubunjalo. Hhayi ubungako; ubunjalo! Niyabo, kunokwenele phezu kwalapho, kulawomavesi embalwa lapho, ukusindisa umhlaba wonke. Impela. Niyabo, aku—akusiwo usayizi wawo, kuyilokho oyikho.

⁶⁴ Njengoba ngangixoxa lapha ngesinye isikhathi esedlule, u—umfanyana, ngikhohliwe ukuthi kwakukulesisifundazwe, ukuthi wayehamb’ecinga ekamelweni elidala eliphansi kophahla endlini enesitezi wayesethola i—isitembu esidala sokuposa. Futhi—futhi wayemazi umqoqi wezitembu, ngakho wa—wasiyisa ezansi ukubona ukuthi sasibiza malini. Nomqoqi wezitembu wathi... O, kusobala, umfanyana wayeno ayskrimu emqondweni yakhe, niyazi. Wathi, “Ngizo—ngizokunika idola ngaso.” Awu, he, kwakuyilokho, intengiso yenziwa khona manjalo. Ngicabanga ukuthi wasithengisa cishe nga, ngiyacabanga, kwakungamakhulu amahlanu; futhi saqhubekele e, sigcina ukuzwa, ngiyakhohlwa ukuthi sasibiza amakhulu amangaki. Niyabo, isitembu esidadlana, iphepha kwakungesiyo into, kwakuyisiqephu esidala nje sephepha singafanele ngisho nokucoshwa. Kodwa kwakuyilokho okwakukuso, okwakusemqoka.

⁶⁵ Kungaleyondlela ngaLokhu lapha. Lesi nje yisiqephu sephapha, kodwa okukuso yiZwi leNkosi, futhi yilokho okusenza sibe nenani kangaka. Kulungile, ivesi 21.

UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni aseTire naseSidoni.

Futhi, bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala kuye, wathi, Ngihawukele, O Nkosi, ndodana kaDavide; indodakazi yami ikhwelwe kabi ngudeveli.

Kodwa akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.

Kodwa waphendula wathi, Angi—angithunyelwanga kwabanye kuphela e... ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwalsrayeli.

Kepha wayeseza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi, ngisize.

Kodwa waphendula wathi, Akukuhle kimi ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.

...wathi, Qiniso, Nkosi: kepha nezinja zidla... imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.

Khona uJesu waphendula wayesethi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube-kuwe njengokuthanda kwakho. Futhi indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.

⁶⁶ Manje okwemizuzwana embalwa nje, ngendlela yokwenza i... ukwakhela kulokhu, ngifuna ukuthatha indikimba ukuba ngisho lokho enginakho kubhalwe lapha phezu kwalemiBhalo. Ngifuna ukubiza perse... igama *Isineke*, futhi nje igama elilodwa nje.

⁶⁷ Ukuba nesineke, manje siyalazi igama, ngicabanga ukuthi lisho ukuthi “ukuba ngophikelelayo,” nokuba ngophikelelayo entweni oyenzayo. Ekwenzeni umgomo noma into ethize, ufanele ube ngophikelelayo.

⁶⁸ Nabantu eminyakeni yonke, obenokukholwa kulokho abazama ukukuzuzana ngokuphumelela, babefanele babe ngabaphikelelayo, ikakhulukazi uma uzama ukwenza into ethize ngokufanele. Ngoba, uzohlangana, uzohlangana nabaphikisanayo.

⁶⁹ Nina bantu, kulobubusuku, ozokhulekelwa, ngisho lokhu kube yinkazimulo yenu, ngokuqonda kwenu. Uma ningakulungele ukuza emgqeni womkhuleko, ningezi. Ngoba, nifanele nikhumbule ukuthi lesi yisikhathi lapho uNkulunkulu ezonithatha khona ezwini lenu, futhi nifanele niMthathe eZwini laKhe. Futhi akunandaba ukuthi omunye umuntu

uthini, noma uzizwa kanjani, umuzwa wenu awuhlangene ngalutho nakho. UJesu akazange athi, “Nikuzwile na?” Wathi, “Nikukholiwe na?” Niyabo, nifanele nikukholwe. Nokuphiliswa kwenu sekuvele kulondolozekile, uJesu Kristu waniphilisa eKalvari. Futhi, akunandaba ukuthi inkathazo yenu iyini, nifanele nikwemukele. Futhi ngaphambi kokuba nikwazi ukukwemukela, nifanele nikukholwe. Ngoba, ukukholwa kwesekeleke; noma, ukuphiliswa kwesekeleke ekukholweni, nokukholwa kwesekeleke eZwini.

⁷⁰ Manje, ningeke nathi, “Uma ngithinta lemayikrofoni, ngizophiliswa.” Lapho, akukho kwesekela kulokho, niyabo. Lokho kusengqondweni yakho.

⁷¹ Kodwa uma kungu ISHO KANJE INKOSI, khona-ke ningazi ukuthi lokho kuqinisile, ngoba, “Onke amazulu nomhlaba kodlula, kepha iZwi laKhe alisoze laguqulwa.” Ngakho liqinisile.

⁷² Manje nifanele nibe ngabaphikelelayo. Akunandaba ukuthi udeveli uzama kangakanani ukunitshela, “Awu, usalokhu nje uzizwa ukabi nje.” Ningakholwa nelilodwa izwi lakho!

⁷³ Lapha esikhathini esithize esedlule, ngabizelwa eceleni kombhede, ngakhishwa emhlanganweni ngase ngibizelwa eceleni kombhede lapho okwakukhona u—umfana osemncane efa. Nobaba omdala weza kimi, sekube yiminyaka cishe eyishumi nanhlanu edlule, ngiqagele, wayesethi, “Ungeza endodaneni yami, i—ibulawa yi—yinto esabekayo?” Yi—yisifo senhliziyo, ngibiza...ngikholwa ukuthi sibizwa ngolunye uhlobo lwesi—sifo senhliziyo, ngiyalibala ukuthi igama laso yini manje, kodwa sasisibi ngempela, ngempela.

Futhi ngakho ngathi, “Yebo.”

⁷⁴ O, ngiyaxolisa, kwaqhubekela enhliziyweni yakhe, kodwa kwakuwuvendle olwalusemzimbeni wakhe. Kwakuwuvendle. Futhi lokho kwakungaphambi kokuba sibe nomjovo ocatshwayo iSalk. Futhi manje-ke umfana wayekabi ngempela. Futhi ngakho ngenkathi ngiyokhuleka, udokotela akangingenisanga. Wayesethi, “Ngeke ngakungenisa.”

⁷⁵ Ngase ngithi, “Awu, ngi...” Ngangithi angibe neminyaka engamashumi amane ubudala, ngase ngithi, “Awu, ngineminyaka engamashumi amane ubudala.” Ngathi ngi...“Ukukholwa kwami kungitshela ukuthi kungilungele ukuba ngiyokhulekela lomfana wendoda, ngoba ifuna ngi—ngimkhulekele.”

⁷⁶ Wathi, “Kodwa, buka,” wathi, “uyindoda eganiwe. Unomntwana wakho uqobo. Uzothwala loluvendle luye kumfana.”

Ngase ngithi, “Awu, ngingenise.” Akangakwenza.

⁷⁷ Nendoda uqobo lwayo, udokotela, njengoba ngangiqonda, wayeyiKatolika. Ngathi, “Ngifuna ukukubuza into ethize. Ukuba bengingumpristi, nalendoda ibiyiKatolika, nalowomfana ubefa, ubungangingenisa ngimnike umgcobo wokugcina.”

Wathi, “Lokho kwehlukile. Lowo ngumpristi.”

⁷⁸ Ngathi, “Qhabo. Ngisemqoka kakhulu impela nje kubo, njengoba umpristi ubengaba njalo endodeni ebiyiKatolika.”

Futhi ekugcineni wathi, “Kungukuthi uma uzosayina leliphapha.”

⁷⁹ Ngathi, “Ngizosayina noma yini, uyabo.” Ngakho wangigqokisa njengeKu-Klux, ngase ngi—ngingena lapho. Bengingaqondile ukusho lokho kanjalo; ngithetheleleni, niyabo; kodwa, empeleni, okumhlophe, nakubo bonke ubuso bami.

⁸⁰ Ngase ngingena lapho, nomfana wayephansi kakhulu waze wacishe waba ngongaphefumuliyo. Futhi wayekade equlekile, cishe izinsuku ezimbili. Futhi angiwuqondi umuthi nocwaningo oluningi lwesayense olukhulu uNkulunkulu avumele amadoda alwenze, odokotela benzela abantu abagulayo, kanjalonjalo, kodwa kunolunye uhlobo lo—lomshini oqopha ukusebenza kwemisipha enhliziyweni, into ethize, eyayithathiwe. Inhliziyo yakhe yayishayela phansi kakhulu, ngiyakhohlwa nje ukuthi ukushaya kwakuyini. Yayithi nje ayiphele. Futhi ngakho umama wayemi lapho, ngase ngikhuluma kuye. Ngakho ngaya ngakwelinye icala lombhede. Nonesi omncane, o, elinye inenekazi elihle elincane, lona, ngiqagele lalilapha ekuqaleni kwamashumi amabili eminyaka, mhlawumbi, amashumi amabili-nanye, iminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, lalingunesi owayenamathelene ne...noma owayedingeka anakekele isiguli.

⁸¹ Futhi ngakho ngawelela ngaphesheya kwelinye icala lombhede, ngase ngiguqa phansi, futhi ngavele nje... umkhuleko olula omncane, ngase ngibeka izandla phezu ko—phezu komfana. Ngathi, “Nkosi Jesu, lobaba nomama ungilethe lapha ukuba ngikhulekele indodana yabo, futhi iyafa. Futhi nguWe kuphela, Nkosi, ongamsiza. Futhi ngiyazi ukuthi Wena wathi, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.’ Nginxusa lesosithembiso kuWe, Nkosi Jesu, ngenxa yempilo yalomfana.” Akukho shintsho olufikayo nhlobo. Ngathi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

⁸² Nobaba omdala wasukuma, wayesethi, “Nkosi, ngibonga kakhulu kuWe, ngibonga njalonjalo, ngokuphilisa indodana yami.” Futhi welulekela ngapha nomama wawela ezingalweni zakhe, wayesethi, “Babayi, kucabange, usezosinda manje.” Ngase ngima futhi ngabuka, futhi babejabula futhi bethokoza, futhi bekhala izinyembezi. Umfana wayephansi nje ngakho konke. Bathi, “O, kuyamangalisa!”

⁸³ Nonesi omncane waqalaza, wangibuka. Wathi, “Ngi—ngikholwa ukuthi niziqonda ngokungesikho iziyalo zikadokotela.” Wathi, “Ngikholwa ukuthi niqonda ngokungesikho. Umfana uyafa.”

⁸⁴ “O,” ikhehla lathi, “qhabo, akafi. Uzophila.”

⁸⁵ Futhi ngakho wathi, “Buka, mnumzane,” wathi “Ngi—ngithokozela noma ubani onokukholwa okunjengalokho, kodwa,” wathi, “ungahleka kanjani futhi uqhubeke kanjalo,” wathi, “futhi uyabona ukuthi akukho—mehluko kumfana.” Wayesethi, “Umfana uzofa.” Wathi, “Angeke aphila. Awu, asiboni ukuthi uphile kanjani lesisikhathi eside kangaka.” Wathi, “Akukaze kwaziwe phakathi—phakathi kwabantu abagulayo, noma isayense, njalo, ukuthi umuntu owake waba phansi kangako nenhliziyo ishaya kanjalo,” uhlobo oluthize lomshini oqopha ukusebenza kwemisipha yenhliziyo, into ethize, “oke aphinde abuye.”

⁸⁶ Futhi angisoze ngalikhohlwa lelokhehla. Labeka izandla zalo phezu kwehlombe lakhe, njengobaba nje endodakazini, lathi, “Buka, mntanami othandekayo.” Lathi, “Lowomshini oqopha ukusebenza kwemisipha yenhliziyo yilokho wena okubukayo. Yilokho oqeqeshelwe ukukubuka. Futhi yilokho kuphela owazi ngakho, yilowomshini oqopha ukusebenza kwemisipha yenhliziyo. Kodwa,” lathi, “Mina ngibuka isithembiso sobuNkulunkulu.” Niyabo?

⁸⁷ Umfana useganiwe futhi unabantwana abathathu manje. Kuya ngokuthi ubukani. Akazange abe nabungcono izinsuku ezimbili noma ezintathu. Kodwa emva kwesikhashana, into yokuqala niyazi, nangu ephuma ngqo kuwo, wayeseya ekhaya. Uyisithunywa senkolo eNingizimu Afrika manje, nabantwana abathathu.

⁸⁸ Manje, niyabo, kuyakhombisa nje, ufanele ube ngophikelelayo. Lokho akuzange kulikhathaze lelokhehla. Lokho kwakuxazulula.

⁸⁹ Njengoba nje ngenkathi lowo wesifazane ethinta ingubo kaJesu Kristu, lokho kwakuxazulula. Yilokho kuphela. Yena, wayengophikelelayo waze wafika lapho, kodwa lokho kwakuxazulula.

⁹⁰ Ufanele ube ngendlela efanayo. Ufanele uphikelele. Nanoma ubani oke wathola noma yini, futhi waze wakwazi ukuzuza ngempumelelo noma yini, ube ngophikelelayo.

⁹¹ UGeorge Washington wayengophikelelayo eValley Forge. Onke amathuba laliphikisana naye, nesi—sitha sasingaphesheya komfula. Kodwa emva kobusuku bonke esemkhulekweni; namasosha aseMelika engenazicathulo ezinyaweni zawo, cishe elilodwa kwamathathu awo lalinezicathulo, futhi awela umfula eValley Forge, edabula ku ayisi. Nezinhlamvu ezintathu zohlobo lwesibhamu esidala imusket zadabula ebhantshini

lakhe. Kodwa wayenempendulo evela kuNkulunkulu, futhi kwakungekho sidingo kuye ukuba avume ukwehlulwa. Ayikho into eyayingamvimba ngaleyonkathi. Wawuwela ngenxa yokuthi wayengophikelelayo. Wayezwile kuNkulunkulu.

⁹² Futhi yileyondlela esifanele sibe yiyo. Uma uNkulunkulu esho njalo, lokho kuyakuxazulula.

⁹³ UNowa wayengonesineke ngempela emva kokuba esezwile kuNkulunkulu. Ngenkathi ezwa iZwi likaNkulunkulu limtshela ukuba akhe umkhumbi, wawakha. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye wathini ngakho, nokuthi noma ubani omunye wayecabangani ngakho, uNowa wayengophikelelayo. Bangahle ukuba bathi, “Awu, lelokhehla, leyondaba yemvula,” kanjalonjalo, “umfo omdala usanda kuhlala phezulu lapho elangeni isikhathi eside kakhulu. Kukhona okungalungile ngaye.” Lokho akummisanga nhlobo. Akezwanga-zwi lakho. Kuphela nje wezwa uNkulunkulu ethi, “lizokuna; yakha umkhumbi,” futhi wayengophikelelayo ekukwenzeni.

⁹⁴ Manje, uMose wayengophikelelayo impela; kuqala, igwala elibalekayo. Wayekade efundisiwe, futhi, o, wayekwazi ngisho nokufundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha. Wayesmati kakhulu, futhi nokho wehluleka emsebenzini. Kwathatha iminyaka engamashumi amane ukufaka imfundo kuye, uFaro ayemnike yona; kwathatha uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane ukuyikhipha kuye, ngaphambi kokuba Amasebenzise phandle ehlane. Futhi ngezinye izikhathi sifanele sithole ukugeqwa ngaphambi kokuba nigcwaliswe. Futhi manje wayekade eyisehluleki. Futhi wayekade ebalekile futhi waganwa yilentombi enhle engumEtiyopiya, futhi wa—futhi wayezinzile futhi wayenendodana, uGereshomi, futhi ezoba yindlalifa ezimvini zikaJetiro nayo yonk’into. Wayesakhohlwa kudala ukuzwela abantu.

⁹⁵ Kodwa ngoluny’usuku, esekwingemuva logwadule, ehamba ehla ngendlela endala ejwayelekile yezinyawo, wabona isihlahla esivuthayo. Manje, akazange azame ukusihlola isihlahla, futhi athi, “Ngikholwa ukuthi ngizowela bese ngikha amaqabunga ambalwa, bese ngilehlisela endlini yokusebenzela isayense futhi ngibone ukuthi yini’ndaba, ukuthi angashi aphele. Futhi ayekade esha lapho ihora, kodwa a—awabonakali esha, isihlahla ukuba siqothulwe.” Ukuba wayecabange lokho, Lalingeke neze likhulume kuye. Kodwa wasondela phezulu enalokhu enhliziyweni yakhe, ukuthi uzohamba ayothola. NePhimbo lathi, “Khumula izicathulo zakho, ngokuba usemhlathini ongcwele.”

⁹⁶ Ngifuna niqaphele. Ngoluny’usuku uyigwala elibalekayo, futhi ngosuku olulandelayo uyi—yishinga, ngosuku olulandelayo; ngenkathi esuka eGibhithe, ngenkathi wayekade enayo yonke impi ezandleni zakhe, ukukhulula abantu. Futhi,

niyazi, uma uzwa iPhimbo likaNkulunkulu, Likwenza uziphathe ngendlela exakile, wenze izinto ngokuxakile, ngokuyinqaba nokungejwayelekile. Manje cabangani nje, useneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala manje, mhlambe intshebe ilenga yayoshaya okhalweni lwakhe, mhlawumbe ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, izinwele zizungeze intamo yakhe. Futhi nangu usendleleni yakhe ebheke ezansi eGibhithe, nomkakhe ehlezi egibele umnyuzi omncane, nengane isenqulwini yakhe; induku egwegwile esandleni sakhe, amehlo ebheke phezulu, edumisa uNkulunkulu nje. Into ebuheka iyingqaba kanje pho!

“Niyaphi, Mose na?”

“Sehlela eGibhithe, ukuyolidla.”

⁹⁷ Ukuhlaselela kwendoda eyodwa! Wawungeke ummise. Wayengophikelelayo. Ngani na? Wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu, lokho kwakwenele ukumenza ophikelelayo. Ikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, wayezosidla isizwe, futhi wakwenza. Wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu. Uzolidla kanjani, ngaleyonduku esandleni sakhe na? Impi eqeqeshiwe, amadoda ayisigidi emi lapho, amadoda angaphezu kwesigidi, ayenqobe izwe ngalolosuku; futhi nakhu kuhamba ikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, inkosikazi ihlezi kumnyuzi, nduku esandleni sakhe, ehla ukuyodla isizwe. Ngani, abantu babeyocabanga ukuthi wayehlanya.

⁹⁸ Niyazi, uma uzwa iPhimbo likaNkulunkulu, futhi uzwe iZwi likaNkulunkulu, uthi ukuhlanya ezweni. Kodwa uma uzwa iPhimbo, uyakwazi okwenzayo.

⁹⁹ Futhi akukho lutho oluzommisa uMose ngaleyonkathi, wayesendleleni yakhe! Wayengophikelelayo impela. Ngisho nangenkathi uFaro, wama phambi kwakhe, wayeseyiphonsa phansi induku yase iphenduka inyoka, nezanusi zafika futhi zazikwazi ukwenza into efanayo, uMose akagijimanga waphuma njengegwala. Wama lapho. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemthumile, akunandaba ukuthi bangaki abazifanisa nabanye bokwenyama udeveli ayengabaphakamisa. Wahlala esikhundleni sakhe somsebenzi, ngoba wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu. Wavele wahlala nje lapho wayesebhakisisa inyoka ihuquzela, futhi, emva kwesikhashana, inyoka yakhe iza neno futhi izidla zonke zazo iyaziqeda. Kwenzekani kulezozinduku inyoka ezidlayo, zayaphi na? Kucabangisiseni lokho. Kulungile.

¹⁰⁰ UDavide, emva kokuba wayethembe uNkulunkulu, futhi wabona iNkosi uNkulunkulu enaye, owamsiza ukubulala ibhere, ngesandla esisodwa, kanjalo nengonyama. Wayesethola isibindi-ke, ukuthi uNkulunkulu wayenaye. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye, ngoba uNkulunkulu wayemenzele into ethize.

101 UNkulunkulu unenzele into ethize. Wanisindisa, leso yisimangaliso esikhulu kunaso sonke esikhona.

102 Manje Uselungele ukwenza enye into ethize. Nesikhathi safika leso ngenkathi uGoliyati enza ukuqhosha kwakhe. Ngani, uDavide wathi, “Niqonde ukusho ukuthi—ukuthi nizoyeka lowomFilisti ongasokile ame lapho futhi eyise izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na? Yin’indaba ngani bafo na?”

103 Awu, uSawulu wayeyindoda ekwazi kakhulu phakathi kwabo, ikhanda namahlombe phezu kwempi yabo. NaloDavide wayeyisijuqwanyana, umfo omncanyana, obukeka ebomvana, uhlobo oluthi alube u—umfana onjalo, omahlonjana aqhothile, umelusi wezimvu omncane. Futhi ngakho uSawulu wathi, “Ngiyasincoma isibindi sakho, ndodana. Kodwa, khumbula, leyondoda iyiqhawe, kwasebusheni bayo, futhi wena awulutho kodwa intsha.”

104 Wathi, “Kodwa inceku yakho yayigcina izimvu zenceku yakho, ngesinye isikhathi, nebhere liyangena lase lithatha eyodwa. Ngalilandela, neNkosi yalinikela ezandleni zami.” Wathi, “Ingonyama yahamba, futhi,” wathi, “Ngayishaya ngayilahla phansi ngendwayimane yami. Futhi ngenkathi isukuma, ukuba ingibhonge, ngathatha umese wami, ngase ngiyibamba ngomhlwenga ngase ngiyibulala.” Wayesethi, “INkosi uNkulunkulu izomnikela kakhulu kangakanani-ke lowomFilisti ongasokile esandleni sami!” Amen.

105 Futhi uma uNkulunkulu asindisa umphefumulo wakho empilweni yesono, Angawuthatha kakhulu kangakanani-ke lowomdlavuzo!

106 Qaphelani uDavide omdadlana. USawulu wathi, “Ngiyasincoma isibindi sakho, kodwa awusiso isilwi. Kodwa uma ufuna ukuhamba, ngizokugqokisa,” ngakho wakhumula izikhali zakhe wayesemhlo misa ngazo.

107 Ngani, uDavide omdadlana nayo yonke leyo Ph.D. neD.D.D. ilengiswe kuye, yena, ngani, wathola ukuthi ivesti kaSawulu yobufundisi ayiyenelanga indoda kaNkulunkulu. Ngakho wathi, “Angikaze ngizilinge lezizinto, zisuseni kimi. Angihambe ngendlela engifuna ukuhamba ngayo, engaziyo ukuthi ilungile.” O, he! Futhi nangu ehamba. Futhi wayengophikelelayo, ukuthi wayezothatha uGoliyati, futhi wakwenza. Futhi wambulala uGoliyati.

108 Ngicabanga ngezimvu zakhe. UDavide wayelapho, indoda ethembeke ngempela esikhundleni sayo somsebenzi. Nalengonyama, eyayingambulala kalula, iyangena yase ithatha enye yezimvu zikayise, yase iphuma. Futhi wayengenalutho, ngempela, ukulwa nengonyama ngayo, kodwa indwayimane encane.

109 Nina bafana niyazi. Kukangaki ngangidingeka ngikhokhele ifastela! Nesiqephu esincane sesikhumba, nomucu, niyazi, bese

uhlohla lelodwala ngapha bese ulijkijela ngendwayimane. Futhi sasivame ukushaya labodokotela abayizinyoka ezindala basuke othangweni, nezinto, futhi—futhi sikujikijele ngalezizindwayimane.

¹¹⁰ Yilokho kuphela uDavide ayenakho; kwakungebe lukhuni nokuthi abulale unogwaja. Kodwa sithola ukuthi uDavide, noma ngabe yini ayenayo esandleni sakhe, kwakungekukhulu kakhulu, kodwa wayenesibindi. Futhi wayazi ukuthi lezo kwakuyizimvu zikayise. Futhi wa—wathunywa, nguyise, ukunakekela lezizimvu. Zazingumthwalo wakhe. Futhi manje wathatha noma yini ayenayo esandleni sakhe, wayesephuma ukuyolanda leyomvu, ngokuphikelela, ukuthi wayezoyithatha kuleyongonyama.

¹¹¹ Senake nayibona ingonyama, ukuthi ibukeka kanjani na? Nizibonile lezi esibiyelweni; awu, zi—zingamachwane ekati. Ubokuzwe eyodwa emenweni. Lababafo ngapha, kade besesibiyelweni nase kuthunjweni; uzwa eyodwa ibhonga, izwakala kabi. Uboke uzwe eyodwa phandle emenweni, uyizingela, futhi wazi ukuthi iyakuzingela, nawe. Manje-ke, o, he, ingumfo omkhulu! Uma ibhonga; amabhungane, izinkawu, izimfene, nojakalasi, yonke into iyama. Iyinkosi, futhi ziyinika indawo.

¹¹² Kodwa lapha uDavide uhamba nalendwayimane encane, ukubuyisa leyomvu, futhi wakwenza.

¹¹³ O, he, benginayithatha kanjani indikimba kulokho imizuzu embalwa. Yebo, mnumzane. Niyizimvu zikaNkulunkulu, nani. Isifo sinibambile. Anginakho okuningi kakhulu, akhukho—kukho ngisho nendwayimane, kodwa ngineZwi. Nginyanilandela, kulobubusuku, ukuba nginibuyise. Ngizoniphephisa, ngeZwi leNkosi. Angazi lutho ngomuthi nangokusika ngemimmese, nezinto, kodwa *Lokhu* ngikuvivinyile. Ngiyazi Leli liqinisile, ngakho nginyanilandela zimvu, ukuba nginibuyisele emadlelweni al'hlaza anomthunzi othando lukaNkulunkulu futhi. Nkulunkulu, ngisize ngalendwayimane encane.

¹¹⁴ UDavide wayisongela e—eminweni yakhe, futhi wayenamatshe amahlanu esandleni sakhe. Yini leyo na? Ukh-o-l-o kuJ-e-s-u. [NgesiNgisi: “F-a-i-t-h” kuchaza u “kholo” no “J-e-s-u-s” kuchaza u “Jesu.”—Umhumushi] Futhi nangu eza, futhi wabuyisa imvu.

¹¹⁵ Manje yileyondlela esiyenzayo kulobubusuku, ukuba nokukholwa kuJesu, futhi ngokuphikelela sizoma eZwini laKhe elingathintwa. Futhi sikholwa ukuthi uNkulunkulu uzoligcina iZwi laKhe. Uma Lingenjalo, khona-ke sonke silahlekile. Lonke iZwi likaNkulunkulu ligcizelelwa ngo “amen,” ekholweni. Kunjalo. Yebo, wayengophikelelayo.

¹¹⁶ Kanti futhi noSamsoni, ngenkathi ehlangana nalawo maFilisti, senake nakucabanga lokho na? Ngani,

uSamsoni, bamdwebe isithombe enjengendoda enamahlombe anjengeminyango yendlu yokukhweza izimpahla. Awu, bekungebe—ngebe yimfihlo, ukuthola indoda enjalo, ebingaqukula ingonyama futhi iyidwengule kabili. Kodwa uSamsoni wayeyi. . . Ngithetheleleni ngalesisisho, ngizokwenza nje sengathi wayeyisigqunswana esincane esikhanda linezinwele ezisongene, umfana kamama nje omncane, izinsonge ezincane ezisasitabane eziyisikhombisa zilenga. Niyabo? Ini, futhi niyakhumbula, wayengumuntu obuthakathaka kuze kufike uMoya weNkosi phezu kwakhe, wayesethatha ingonyama wayeseyidwengula yaba izicucu. Kunjalo. Kuqala, uMoya weNkosi uphezu kwakhe, khona-ke wayazi ukuthi wayemi kuphi.

117 Futhi uma ibandla kuphela belingathola ukugcotshwa, ligcotshwe ngokukholwa kwangempela. Ngenkathi leyongonyama ibhonga, ngiqagele uSamsoni wamazama. Kodwa uMoya weNkosi ufika phezu kwakhe. Wayengophikelelayo, wathi, “Sengikulungele ukudibana nawe,” wayidumela leyongonyama, wayidabula wayeseyiphosela ngale eceleni, wayeseqonda phambili.

118 Bambiyelela phakathi ngothango, ngobunye ubusuku. Futhi waqukula amasango aseGaza, wawabeka phezu kwamahlombe akhe, wayesenyukela esiqongweni segquma nawo. He, o, he, indoda enje pho, isigqunswana esincane kanjalo. Kodwa, into yakho kwakungukuthi, uMoya weNkosi wawuphezu kwakhe. Wayenjalo. Yilokho okwenza umehluko.

119 Manje-ke ngolunye usuku, wayekakwe ngamaFilisti ayinkulungwane. Futhi nango wayelapho, kwakungekho-nto ayenayo, ngakho wacoshisa umhlathi womnyuzi, mhlambe kwase kungamashumi amane wafa noma ngaphezulu, futhi kwakuyithambo elomile eselilidala ngempela. NalawomaFilisti ayefake izigqoko eziyizivikelo, namabhantshi abawabiza ngesivatho sensimbi, okungukwedlulela okukhulukazi kwensimbi noma ithubu, nesigqoko esiyizivikelo esithi asibe yi intshi ugqinsi. Wayesecosha lowomhlathi walowomnyuzi, wayesebulala amaFilisti ayinkulungwane.

120 Senake nacabanga na? Thatha lowomhlathi omdala owomile ocoshwe ogwadule lapho, bese ushaya esinye salezozigqoko eziyizivikelo, ngani, lowomhlathi ubungaba yizicucu eziyinkulungwane. Kodwa wama lapho, futhi udabula kulezozigqoko zensimbi eziyizivikelo, wona nemikhonto, nje ewashaya ngakwesokudla nesokunxele, waze washaya walahla phansi inkulungwane. Amanye awo asele abalekela phezulu emadwaleni.

121 Kwakuyini na? Inqobo nje uma wayesakwazi ukufinyelela ngemuva lapho bese eyawezwa lawomagoda ayisikhombisa, lesa kwakuyisivumelwane sikaNkulunkulu. Kwakungekho

okuzomkhathaza inqobo nje uma wayenalesosithembiso sesivumelwano.

¹²² Futhi akukho okungakhathaza iBandla likaNkulunkulu ophilayo inqobo nje uma singawuzwa lowoMoya oNgcwele, isivumelwano seZwi likaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu, isiBusiso sePhentekoste. “Ngokuba imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza. UkuPhila okukiMi, kuyoba kini. Njengalokhu uBaba eNgithumile, kanjalo Ngiyanithuma nina.” UBaba owaMthuma, ungena kuYe. UJesu othuma umuntu, ungena kumuntu. Akusuye umuntu; nguJesu. Kwakungesuye uJesu; kwakunguNkulunkulu. “Njengalokhu uBaba eNgithumile, kanjalo Ngiyanithuma nina. Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekuphelelisweni kwesikhathi. Ngiyakuba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe. Nemisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyongibona nina, ikholwa, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe,” uJesu Kristu. Inqobo nje uma ngingamuzwa lowoMoya kaNkulunkulu ngapha, ikhona into ezokwenzeka. Ngingabona abantu abayoWukholwa, abayobonisa izindumiso neNkazimulo kaNkulunkulu.

¹²³ Njalo uma ubuka inyanga, akusiyo inyanga ekhanyayo, yilanga elikhanya enyangeni. Ukuba bengingathi, “Nyanga, yini ekwenza ukhanye na?” Ithi, “Akusimi engikhanyayo. Yinto ethize ekhanya kimi. Ngifanele ngigcine ukukhanya kuhamba, ekungabikhoneni kwelanga.”

¹²⁴ NeBandla liyisifanekiso senyanga. Sifanele ukubonisa ukuKhanya ngenkathi kusengukungabibikho kweNdodana kaNkulunkulu, ngoba singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ukuKhanya okungaphansana, futhi inqobo nje uma singayibona leyonyanga ibonisa uhlobo olufanayo lokuKhanya okwenziwa yilanga. O, akusi—akusibo abantu, nguNkulunkulu kubantu.

¹²⁵ Ngangivame uku, ngenkathi ngivame uku, ngangingumqaphi wezinyamazane iminyaka eminingana. Ngiyazithanda izilwane, futhi ngi—ngiyathanda ukuzinakekela. Ngakho ngi—ngangiyisikhulu sezemvelo iminyaka eyisikhombisa. Ngangivame ukwedlula ngasesiphethwini esidala. Leso kwakuyisiphethu esedlula zonke engake ngaphuza kuzo. Kwakuyi... Ngangisithanda njalo ngoba sasijabulisa kakhulu, njalo siphuphuma, siphuphuma nje, siphuphuma, siphuphuma. Ngase ngicabanga, “He!” Ngiyacambalala bese ngiphuza. Ngoluny’usuku, ngacabanga, “Siphethu esincane, yini ekwenza ujabule kangaka na? Ngabe yingenxa yokuthi onogwaja baphuza kuwe na?”

¹²⁶ Ukuba sasingakhuluma, sasiyothi, “Qhabo, lokho akusikho okungenza ngiphuphume.”

127 Bese ngithi, “Mhlawumbe inyamazane idiye iphuza kuwe, kanye ngasikhathi.”

“Qhabo, lokho akusikho okungenza ngiphuphume.”

128 “Awu,” ngithi, “siphethu esincane, mhlawumbe yingenxa yokuthi ngiphuza kuwe, cishe kanye ngenyanga.”

129 Sithi, “Qhabo, lokho akusikho.” Ngithi, “Awu, yini ekwenza uphuphume kanjalo ngasonke isikhathi na?”

130 Uma sasingakhuluma, sasingathi, “Akusimi engiphuphumayo. Kuyinto ethize emva kwami, engenza ngiphuphume. Iyaphuphuma.”

131 Futhi ungaleyondlela uMoya oNgcwele ekholweni. Kuneto ethize emva kwakho. Ungeke uWuphushe, uWudabule. Uyakunakekela. YiWo owenza ukuphuphuma, Into ethize phakathi kwakho. Njengoba uJesu atshela owesifazane emthonjeni, “Imithombo yamanzi iphumela ekuPhileni okungunaphakade,” izishisisi zamanzi eziwayelekile zifutha phezulu nje izinjabulo zikaNkulunkulu ngomphefumulo wakho, ngasonke isikhathi. Futhi inqobo nje uma iBandla belingezwa lokho ngakubo, yini o—yini oyesabayo, uyabo?

132 USamsoni akesabanga. Wayephikelele. Konke ayenakho kwakungu—ngumhlathi womnyuzi, kodwa wayephikelele ngoba wayazi ukuthi amagoda akhe ayesalenga lapho.

133 Udokotela kungahle ukuba waktshela, “Alikho ithuba kuwe lokuba usinde. Uyafa. Unomdlavuzi.” Kodwa inqobo nje uma ungahlala lapha futhi uzwe ukuvuka kukaJesu Kristu okuyinkazimulo, kwenza mehluko muni ukuthi udokotela uthini manje kwenza mehluko muni na? Niyabo, phikelela. Ubeyokuthokozela uma engudokotela okahle, ubeyokutshela ukuthi ufuna usinde. Yilokho—yilokho afuna ukwenze. Futhi ufanele ukwenze; ukuba ube nokukholwa, ufanele ubengophikelelayo.

134 UJohane wayeqiniseke kakhulu ukuthi uyobona isibonakaliso esilungile! Wa—wayazi ukuthi uNkulunkulu wamtshela ukuthi uyokwazi ukuthi uMesiya Ungubani. Wayengophikelelayo kakhulu!

135 Futhi omunye umuntu angahle ukuba wathi, “Awu, awukucabangi ukuthi lona nguYe na?”

136 Wathi, “NgiyoMazi uma Efika.” Wayeqinisekile kakhulu, ukuthi wathi, “*Leli* yiWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.” Wayazi ukuthi kwakuyikho. Wafakaza kukho. “Ngabona uMoya kaNkulunkulu wehla uvela eZulwini phezu kwaKhe, njengejuba, futhi ngiyazi leyo yiNdodana kaNkulunkulu.” Ukuba nokuphikelela! O, besingaqhubeka siqhubeke, ngabalingiswa.

137 Lona wesifazane omncane, wayengumGrecki ovela ezweni laseSirofenike, futhi sithola ukuthi ufanele ukuthi wezwa

ngezindumiso nenkazimulo yeNkosi uJesu. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Wezwa, futhi ngenkathi ezwa . . .

¹³⁸ Niyazi, ukukholwa kuthola imithombo abanye abangayiboni. Manje uma ungenakho ukukholwa, awu, manje-ke, asikho isidingo sokuzama ukukukhombisa wena. Ngoba, ukukholwa kungakubona. “Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.” Ukukholwa kubona abantu abayizimpumputhe angakuboniyo. Ukukholwa kungumuzwa wesithupha. Imizwa emihlanu ilungile, inqobo nje uma ingaphikisani nowesithupha. Kodwa umuzwa wesithupha ungukukholwa, “kuyiqiniso ngezinto ezithenjwayo,” awuboni, unambithe, uthinte, uhogele, noma uzwe, kodwa nokho uyakwazi. Ukukholwa kukutshela kanjalo. Futhi kuqiniseke kakhulu ukuthi kuyikho ngempela, ukuthi kuza kuwe ukuqiniseka. Hhayi nje ukucabangela. Kuyinto onayo.

¹³⁹ Ngibona abantu beza emsamo, bathi, “Mfowethu Branham, nginakho konke ukukholwa!”

“Awu, wenzani phezulu lapha, pho?” Niyabo? Niyabo? Niyabo?

¹⁴⁰ “Anginakho.” Futhi, kodwa lapho uma unakho, uma noma yini . . .

¹⁴¹ Ube nezinto ukuba zenzeke, uvele nje wazi ukuthi ibizokwenzeka. Nokho ubungazi ukuthi ibizoba kanjani, kodwa ibizokwenzeka. Lokho, lokho ngukukholwa. Lokho ngukukholwa kwangempela. Kuzokwenzeka-ke, uma wazi ukuthi izokwenzeka. Manje, ukukholwa kuthola umthombo abanye abangawuboni.

¹⁴² IZwi laKhe liyinkemba. IBhayibheli lasho njalo, kumaHeberu 4:12, ukuthi Liyinkemba. Kodwa kuthatha ingalo yokukholwa ukugadla ngaleyonkemba. Ukukholwa kuphela okungakwenza, kubambe inkemba.

¹⁴³ Wayenezithiyo eziningi, lona wesifazane omncane. Manje, wayenendodakazi eyayi—yayinesithuthwane, futhi yayiyimbi kabi, kabi. Futhi wayezwile ukuthi uJesu wasiphilisa isithuthwane. Manje, “ukukholwa kuvela ngokuzwa,” nalowo kwakungumntanakhe, ngakho wayephokophele uku—ukufinyelela ezansi ndawondawo futhi ezwe uJesu. Futhi manje wayenezithiyo eziningi, eziningi nje, izithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenasithiyo.

¹⁴⁴ Kulobubusuku, abantu unezinqwaba zezithiyo. Uma u . . . Ingqondo yakho inezinqwaba zezithiyo. Kodwa, ukukholwa kwakho, akukho okungama endleleni yakho. Ukukholwa akwazi zithiyo.

145 Ake sicabange nje ngezinye zezinto ezingahle ukuba zazenzeke kulona wesifazane omncane. Bangahle ukuba basho kuye, ukuthi, “UngumGreki.” Ngamany’mazwi, “Ihlelo lakho aliwuxhasi lowomhlangano ezansi lapho. Awunalungelo lokwehlela lapho.” Awu, ukuba lokho kwakukade kusengqondweni yakhe, wayengeke ahlale isikhathi eside kakhulu empeleni. Yena, ujeke wawuyovele nje ugcwale swi, futhi wayeyosuka. Kodwa siyathola, lokho akummissanga. Noma ngabe wayengumGreki noma qha, wayenokukholwa. Yilokho kuphela ayekudinga kwakungukukholwa.

146 Manje omunye angahle ukuba weza kuye, wayesethi, “Awu, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo. Labobantu bayisigejane nje se—sezinhlanga.” Kodwa wayesalokhu engophikelelayo. Wayezohamba noma kanjani.

147 Ake sicabange ngomunye. Abanye babo ngahle ukuba bathi, “Awu, uyazi uk’thini, indoda yakho iyi—iyindoda edumile lapha emzini, futhi uma ubungabanjwa ezansi lapho naleloqembu, awu, indoda yakho ngempela izokushiya.” Kodwa wayesalokhu engophikelelayo. Wayenokukholwa, futhi wayenesidingo sokukusebenzisa.

148 Abanye babo bangahle ukuba bathi, “Ngani, ukuba ubungehlela emdlalweni wamakhadi, kumbe noma yiluphi uhlobo lokuzilibazisa oyakulo, abantu bazokuhleka.” Wayesalokhu engophikelelayo.

149 Bese kuthi-ke leyonto endala ngahle ukuba yeza kuye, “Uyazi, umelusi uzokukhipha ebandleni uma wehlela lapho futhi uzixubanise entweni enjalo.” Kodwa lokho akummissanga. Wayesalokhu engophikelelayo. Wayehamba noma kanjani. Ngani na? Wayeshaye ukukholwa. Ukukholwa kuzokwenza. Angikhathali ukuthi abanye bacabangani; ukukholwa kuyakwenza.

150 Ekugcineni, wenza indlela yakhe wadabula kuzozonke lezizibambezelo, futhi wafika kuJesusu. Manje, kubonakala sengathi, yonke inkathazo yakhe yase iphelile, wafika kuJesusu; kodwa, yayingaphelile, yayiqala nje.

151 Abantu abaningi bangathi, “Awu, uma ngazi uJesusu...” Yebo, siyakubona lokho njalo ebusuku. Niyabo, Ufika ngqo nathi, ubusuku ngabunye, Azifakazise ukuthi ulapha, kodwa sisalokhu sibuya ngobusuku obulandelayo, nazo zonke izinkathazo zethu futhi, niyabo. Niyabo? Kunjalo na? Manje lokho kunjalo.

152 Wafika kuJesusu. Mhlampe mhlawumbe uzo... Uma wayengenalo lolohlobo lokukholwa, indumazo yokuqala emva kokuthola uJesusu, ngani, wayeyo... wayeyoqhuma, futhi abuyele emuva. Kodwa, niyabo, ukukholwa akuyikukwenza lokho. Ukukholwa akuyikukudedela. Ukukholwa kungokuphikelelayo. Kubambelela ngqo. Manje bhekisisani, wayenakho konke

ukwethemba nokukholwa kuloMuntu. Manje ukuba wayekade ebhuqa nje, noma nje ethi, “Ngiyehla futhi ngikunike isivivinyo, ngizobona ukuthi Uzothini. Uma Esho okuthize okuphambene nezivumokholo zethu, sizo—sizovele sishiye nje. Yilokho kuphela.” Kodwa ufikela ukuzothola okuthize, futhi wayephokophelele ukuhlala lapho waze wakuthola. Nakho lapho enikhona, yilowomuntu-ke; njengendlovukazi yaseNingizimu, esashumayela ngayo ngobunye ubusuku.

¹⁵³ Qaphelani ngenkathi efika kuJesu. Esikhundleni sokuba athole ukwemukelwa, wathola ukwaliwa. Manje uma u... Ucabangani ngabantu namuhla ababeyofika kuleyondawana futhi baphathwe kanjalo na? UJesu wamtshela ngokukhulu ukushesha. Emva kokuba esedlula kuzo zonke lezizivimbelo, futhi ekugcineni... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] wathi...

¹⁵⁴ Ufika kuYe. Futhi wagijimela phezulu kuYe, ukukhuleka kuYe, wayesethi, “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele, indodakazi yami ikhwelwe kabi udeveli ngokunhlobo nhlobo. Futhi ngazile ukuthi Wena unguMphilisi omkhulu, futhi ngiza uku—ukucela Wena ukuba ungisize.” Wavele akangamnaka nje. Wambuka, wasuka wahamba. O, he! Wayemkhudlwana kunePhentekoste yethu yesimodeni; he, babeyojikisa ikhala labo futhi babuyele emuva, bathi, “Angidingekile ukuba ngenze lokho.” Kodwa hhayi lowo wesifazane. Wayenokukholwa. Wahlala khona lapho ngqo.

¹⁵⁵ Manje waMlandela futhi, “Nkosi, ngingebe nakho na?” Futhi wayengacabangi ngokuthi wayezodlula kukuphi. Wayengacabangi ngokuthi wayezodingeka edlule kukuphi. Into kuphela ayeyazi, wakholwa ukuthi ukuba wayengaMthola ukuba asho njalo! Yilokho kuphela ayedinga ukukwazi, uma Wayengasho njalo! Wayazi ukuthi kwakusebenza kwabanye, kungani kungesebenze kokwakhe na?

¹⁵⁶ Lwela lonke i intshi lendlela. UNkulunkulu, ezansi eGibhithe, unikela iPalastine kumaJuda, kodwa alwa lonke i intshi lendlela! UNkulunkulu watshela uJoshuwa, “Ndawo zonke amathe ezinyawo zakho aphumula khona, leyo Nginiphe yona.” Izinyathelo zazisho ukunqoba, ifa, futhi kude nje ngangokuthi ungakhwela ungene eMbusweni kaNkulunkulu. Uma nje ufuna ukukhwela esiqeshini esincane, futhi uthi, “Awu, ngikholwa ukuthi ngingahle ngingayi esihogweni, kodwa ngikholwa ukuthi ngizosindiswa ekupheleni, uma ngijoyina ibandla,” awukabi nawo umhlabathi omningi okwamanje. Kodwa zonke izithembiso eBhayibhelini zingezakho, kodwa uzodingeka ulwe nabo bonke ogadi bakadeveli baqhele kuso, ngenkamba esika nhlangothi zombili, futhi usibize ngokuthi singesakho. Yiba ngophikelelayo, uhamba uyongena ngqo kuso.

157 Manje wafinyelela kuye ngqo phezulu yena impela uNkulunkulu uqobo lwaKhe. Futhi Akangamnaka. Futhi wagijima emva kwaKhe, ekhala. Wayengophikelelayo. “Nkosi, ngisize,” washo. Wakhuleka kuYe, wathi, “Ngisize!”

Lalalani kulokho kukhuzwa. “Angithunyiwe esizweni sakini.” O, he!

158 Manje-ke inqwaba yabo yayiyosukuma, ithi, “Awu, ngiqagele Akathunywanga kithi. Lemvuselelo ayinjalo. Ngiqagele ngizomuka.”

Niyabo, uJesu wayazi ukuthi wayenalolohlobo lokukholwa. Niyabo?

159 Nyenye into Ayisho, “Isizwe sakini kuphela siyisigejane sezinja.” Whewu! He!

160 Ungakhulumi kanjalo kumaPentecostal esimodeni. O! Usho lokho, athi, “Awu, ngizovele ngisishiye lesisigejane futhi ngiyoyoyina iAssemblies. NeAssemblies ikusho kimi, ngizoya kwamanye, namanye, namanye, niyabo.”

Kodwa hhayi lowo wesifazane. Wayenokukholwa.

161 Wathi, “Okwakho . . . Angithunywanga kuwe. Angithunywanga esizweni sakini. Futhi, nangaphandle kwalokho, anilutho kodwa isigejane sezinja. Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana lapha, futhi ngisiphonse kinina sigejane sezinja.” O, he!

162 Lokho akukumisi ukukholwa. Ukukholwa kulokhu kulapho, kufreshi nje njengoba kwakulokhu kunjalo. Kuvumani ukukholwa na? Iqiniso. Wathi, “Lelo yiqiniso, Nkosi.” O, he! Uyabona ukuthi ungathola okuncane kangakanani, hhayi ukuthi ungathola okukhulu kangakanani. Ukukholwa kukwenza ube mncane. Qaphelani, wayesalokhu enokuba nesineke.

163 Nokho, Wayengamnaki. Akamnakanga. Futhi ekugcineni wangena endleleni yaKhe futhi Akakwazanga ukumzungeza, Wayesemtshela-ke, wathi, “Angithunywanga kuwe, nesakini . . . esizweni sakini. Nesizwe sakini asilutho kuphela isigejane sezinja. Futhi Angizukuthatha isinkwa sabantwana. Akulungile kimi ukuthatha isinkwa sabantwana, ukuphilisa kuleliqembu, futhi ngikunikele kini zinja.”

Wayesethi, “Lelo yiqiniso, Nkosi.”

164 Ukukholwa njalo kuyovuma ukuthi iZwi liyiQiniso. Amen. Niyabo? Uma unokukholwa kwangempela, neBhayibheli likutshela ukuthi wenza okungalungile, uyovuma ukuthi awulungile. Awuyikusho ukuthi, “Manje, awume kancane lapha, ngingowe . . .” Qhabo, qhabo, lokho akusikho ukukholwa. Uma iZwi likusho, ukuthi u . . . Yilapho oqinise khona noma ongaqinisele khona, kungeZwi. Kunjalo.

165 Manje washo. Qhabo, mnumzane, lokho, akakhohlwanga nje ukuthi wayengama kulokho, ngakho asuke ahambe. Wayesethi, “Qiniso, Nkosi, asilutho kodwa izinja, kodwa ngicela kuphela ukuthi bengingathola nje enye yemvuthuluka ewa etafuleni leNkosi.” Wayezingela imvuthuluka. Kucabangeni nje lokho.

166 Namhlanje, kuphakathi kokuthi sithola wonke ulofu noma asizukuthatha lutho nhlobo. Niyabo? Sifanele sibe yikho konke kwawo kungenjalo asithathi noma yini.

167 Wayesalokhu engophikelelayo. Waqonda phambili. Wayengesiso isitshalo esikhulele engajaneni yezitshalo esasidingeka sitotoswe futhi sifuthwe sonke, ukuvimbela imihlwa. Qhabo, mnumzane. Wayengusuye owalokhu okubhasteliwe njengokudla okusanhlamvu kwesimodeni kwanamhlanje, abazibiza ngamaKristu. Ngenkathi iZwi likaNkulunkulu likusho, futhi wakukholwa, wakubona kuqinisekiswa, wayeselungele ukukulandela kungakhathaleki ukuthi ubani wayethini. Ngisho noKristu qobo lwaKhe akakwazanga ukummisa. Kwenzenjalo-ke ukukholwa. O, lokho kuvuma iZwi lingeliqinisile. Wayezingela imvuthuluka.

168 Khumbulani, wayengakaze asibone isimangaliso. Uphuma ehlelweni elalingakholelwa ezimangalisweni. Yena, ekholwa, wadingeka aphume ehlelweni elathi, “Ayikho into okuthiwa yizimangaliso.” WayengoweZizwe. Wayengakaze asibone isimangaliso, empilweni yakhe. Kodwa nokho, nxa ukukholwa kubamba, uNkulunkulu ulapho. Niyabo? Wayengakaze asibone, kodwa wayezwile ngaso.

169 Uma ungakholwa ukuthi zikhona izimangaliso, funda iBhayibheli nezithembiso zazo kithi namhlanje. Ukukholwa kwabambelela.

170 Wayeyinto efana nesifebe uRahabi. Ngenkathi ezwa, ngezinhloli, wayengafuni ukubona uJoshuwa, futhi abone indlela ayegqoke ngayo nokuthi hlobo luni lwebutho ayeyilo. Wathi, “Ngizwile ukuthi uNkulunkulu unani. Ngikuzwile okwenziwe nguNkulunkulu.” Futhi wayefuna insindiso, futhi wayithola; kunjalo, ngoba wayengophikelelayo, futhi. Wathi, “Ngizonifihla. Ngizokwenza noma yini. Kodwa into eyodwa engifuna niyifunge kimi, ukuthi ngizosindiswa ngalesisikhathi.” O, he, yilowo umqondo.

171 Nalona wesifazane bandla wayefana. Wa—wayefuna, wayazi ukuthi wayezokuthola. Kwakungekho-kungabaza. Akunandaba ukuthi wayezodingeka akhwele edlule kuphi, wayezokuthola noma kanjani. Ngakho uJesu akakwazanga ngisho nokumbuyisela emuva, ngokumbiza ngowesizwe esingafanele, embiza ngenja, “Kwakungalungile ukuthatha isinkwa sabantwana futhi siphawe izinja,” nokunye kanjalo. Kodwa noma kunjalo waqhubeka ngqo emva kwakho, noma kanjani, ngoba wayengophikelelayo. Wayenesidingo,

indodakazi yakhe yayifa. Abanye babekade bephilisiwe, ngakho kungani indodakazi yakhe yayingephilisiwe na? Nalowo kwakunguNkulunkulu wokudaliweyo.

¹⁷² UJesu wathi, “Ngenxa yalelizwi, udeveli usukile endodakazini yakho.” O, he! Wayenokusondela okukahle esiphiweni sikaNkulunkulu.

¹⁷³ Niyazi yini ukuthi uNkulunkulu wenza izinto ngezinye izikhathi nje u—ukwenza izinto ngendlela ehlukile, nokuthola nje ukuthi abantu bazokwenzani na? Manje kuphezu kwekhanda lakho, awukakuboni futhi awukakuqapheli, kodwa ngenze into nje manje ukwenza into ethize. Nalokho kungisize kakhulu. Futhi ngikubhekisisile kusebenza. Niyabo, usho izinto, ushintsha isimo sakho—sakho—sakho sokuziphatha, ushintsha iphimbo lakho, ushintsha ngezinye izikhathi intshumayelo yakho; ubhekisisa futhi ubona izinto ezithize, bese ubhekisisa bese ubona ukuthi kusebenza kanjani. Ngoba, umugqa womkhuleko ulungiselela ukwenyuka, bekungangcono ukuba lokho kungabi phakathi kwenu. Niyabo? Niyabo, ukukubona kwenzeka nje, bese-ke uzishintsha wena bese ubuyela ndawondawo futhi. Niyabo? UNkulunkulu wenza yona leyonto impela. Usayenza, kuqashelwa.

¹⁷⁴ Wayenokusondela okukahle esiphiweni sikaNkulunkulu. Futhi khumbulani, wayengowokuqala, oweZizwe, uNkulunkulu ake enza isimangaliso kuye. WayengoweZizwe wokuqala.

¹⁷⁵ Ukukholwa kuvuma iZwi ukuthi liyiQiniso. Nalokho ngukuhlonipha kokuzithoba, ukuhlonipha kokuzithoba impela, nalokho yilokho, nokuba nesineke, futhi kuyilokho-ke.

¹⁷⁶ UMarta, ngenkathi eyohlangabeza uJesu. Manje uma kukhona noma ubani owayenelungelo lokugxeka, kwakuyoba nguMarta, ngoba wayethumele kuJesu ukuba eze azokhulekela umfowabo ngenkathi wayesesimweni esinzima, efa, noJesu. . . Babeshiye ibandla, babephume enhlanganweni endala efile ababekuyo, futhi babelandele iNkosi uJesu, beMkholwa ukuthi unguMesiya ogcotshiweyo. Kwase kuthi-ke umngani waKhe impela, uLazaru, Akhuphuka naye. . . Futhi babekade bexoshiwe ebandleni labo nasempakathini. Nomngani waKhe impela Akhuphuka naye, wayelele egula, eseseduze kokufa. Udokotela wayengasnakumenzela lutho oluhle.

¹⁷⁷ Futhi wathumela kuJesu, noJesu wavele nje kalula akangakunaka ukuthumela kwakhe. Futhi Waya komunye umuzi, futhi Wenza into efanayo lapho. Bathumela futhi, futhi Wavele nje akangakunaka futhi waqhubeka.

¹⁷⁸ Kwase kuthi-ke emva kokuba uLazaru esefile, futhi wayesenezinsuku ezine embelwe. Ubuso bakhe base buvele buvele phakathi, ngalesosikhathi, lelozwe elishisayo. Ikhala liwa kuqala, njengoba ngitshelwa, futhi mhlampe inyama yakhe yase ivele iwele phakathi. Ngoba, emva kwamahora

angamashumi ayisikhombisa-nambili, ukubola kungena emzimbeni, futhi ngakho siyathola.

¹⁷⁹ Ngifanele ngimbele indoda ezinsukwini ezimbalwa, ngoLwesithathu. Futhi ife ngoLwesithathu olwedlule, futhi bavele bayikhiyela nje, futhi nje belinde lapho ukuba mina ngifike ukuzoshumayela umngcwabo wayo. Mhlampe ababange besakwazi ukuyihlalisa isikhathi eside, ngoba ubuso bayo—bayo bebuzowela phakathi. Niyabo?

¹⁸⁰ Futhi yilokho okwakwenzeka kuLazaru. Wayesevele efile.

¹⁸¹ Kwase kuthi-ke emva kokuba esefile, futhi kwase kuphele konke, manje-ke nakhu kufika uJesu engena ngesinyelela emzini. Ngakho-ke bazi ukuthi babezothola ukugxekwa, ngoba mhlampe wayesevele egxekiwe.

¹⁸² Kodwa uMarta, wayekade elibele ngempela, kubonakala kanjalo; mayelana nokulungisa indawo ukuba uJesu alale, indawo yaKhe ukuba adle, kanjalonjalo. Futhi wacela ngisho uJesu, ngesinye isikhathi, ukuba enze udadewabo eze amsize. Kodwa phansi enhliziyweni yakhe, ukukholwa kwashaya. Ngenkathi uMariya esahlezi ethule, ekhala, futhi engenzi lutho ngakho, futhi wadela; uMarta uphuma ngesinyelela u—uphuma endlini, wayesehla ngomuzi. Akungabazeki, wahlangana nabanye emgwaqeni, bathi, “Uphi lowomphilisi ngokukaNkulunkulu ebeninaye ngapha na? Usenjani uLazaru manje na?” Wadlula ngqo ngakubo.

¹⁸³ Wafika lapho Ayekhona. Bhekisisani ukuthi wayenjani. Ugijimela phezulu kuYe. Wayenelungelo lokuMthethisa, wayenelungelo lokuMtshela, ethi, “Manje Awuzanga ngani ngenkathi ngiKubiza na?” Ukuba lokho kwakukade kuyi—yiPentecostal yanamhlanje, noma iBaptisti, noma iPresbyterian, babeyoshintsha amabandla ngokukhulu ukushesha. Niyabo? Impela. “Awuzanga ngani ngenkathi siKubiza na?” Wayenelungelo lokukwenza, kubonakala kanjalo. Kodwa wayengenalo ilungelo lokukwenza.

¹⁸⁴ Njengoba ngishilo ebusukwini bayizolo, awunamcabango. Ngumcabango waKhe, niyabo, Akwenzayo. “Intando yaKho mayenziwe, khulekani kanje.” Akasuye umfana womsebenzi wokuthunywa. UnguNkulunkulu. Qaphelani, “UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe.”

¹⁸⁵ Futhi ngenkathi esefika kuYe, wasondela kuYe ngendlela efanele. Wathi, uMnika isiqu saKhe esifanele, “Nkosi!” Hhayi ukuMthethisa, kodwa, “Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga.” O, he! SengiyaMbona edonsa owaKhe omncane, umzimba okhathele ewuhlanganisa. Futhi—futhi Wathi... “Uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kepha nakalokhu, nokuba yini Ongakucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona.” Niyabo, wayazi ukuthi uNkulunkulu wokudaliweyo wayeyini. Wayazi

ukuthi WayenguMesiya ogcotshiweyo. Wasondela kuYe kahle, ngamadolo akhe, wathi, “Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kepha nakalokhu, nokuba yini Ongakucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona.” O, ukuba kuphela besingacabanga lokho! “Nakalokhu, Nkosi, nokuba yini Ongakucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona.”

186 Wathi, “Mina ngingukuvuka nokuPhila.” Akekho omunye umuntu owayengake asho lokho. “Mina ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yiMi kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokhu na?”

187 Wathi, “Yebo, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni.”

Wathi, “Nimbelephi na?”

188 Ngangikhuluma kowesifazane kungekudala, futhi wathi kimi, wathi, “Ngi—ngi—ngiyathanda ukukuzwa ukhuluma, Mfowethu Branham, kodwa,” wathi, “linye nje iphutha onalo.”

Ngathi, “Ngiyabonga,” iphutha elilodwa nje. Ngathi, “Yini leyo na?”

Wathi, “Uqhosha kakhulu ngoJesu, engonobuNkulunkulu.”

Ngathi, “Ngithemba ukuthi yilelo kuphela Angalithola kimi,” ngasho.

189 “Uqhosha kakhulu ngoJesu engonobuNkulunkulu.” Wathi, “Wayengesuye onobuNkulunkulu.”

Ngathi, “O, yebo, WayengonobuNkulunkulu.”

Wathi, “Awu, uMenza uNkulunkulu.”

190 Ngathi, “Kuphakathi kokuthi WayenguNkulunkulu noma umdukisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye.” Niyabo? Ngase ngithi, “WayenguNkulunkulu.”

Wathi, “WayenguMuntu nje. Wayengeke abanguNkulunkulu.”

Ngathi, “Wayenguye. WayenguNkulunkulu nomuntu, kanyekanye.”

Wayesethi, “Uthe uyalikholwa iBhayibheli.”

Ngathi, “Yebo, memu, ngiyalikholwa.”

191 Wayesethi, “Uma ngifakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, ukuthi Wayengesuye onobuNkulunkulu, ubungakwemukela na?”

192 Ngathi, “Impela, uma iBhayibheli lathi Wayengesuye. Kodwa,” ngathi, “Angikholwa ukuthi kuseBhayibhelini.”

193 Wathi, “KuJohane oNgewe, isahluko 11, iBhayibheli lathi, ‘Ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru,’ iBhayibheli lathi, ‘Wakhala izinyembezi.’” Wayesethi, “Uma Akhala izinyembezi, Wayengebe ngonobuNkulunkulu, futhi ekhala izinyembezi.”

¹⁹⁴ Ngathi, “Awu, nenekazi, lokho ngeke kusukume.” Ngathi, “Ngifuna ukukutshela.” Ngathi, “Lokho kuzace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe indlala,” ngathi, “ngoba lokho ngeke kwabambelela eBhayibhelini.” Ngathi, “Buka, Wehlela ethuneni, niyabo, futhi Wama phambi kwethuna, Wayesethi, waqondisa umzimba waKhe omncane wayesethi, ‘Lazaru, phuma!’”

¹⁹⁵ Angahle ukuba wayenguMuntu, ekhala; kodwa ngenkathi Ebiza lowomuntu aphume ethuneni, okwase kuyizinsuku ezine efile, nomphefumulo wakhe uhambe izinsuku ezine ndawondawo! Angazi ukuthi wawukuphi, kanjalo nawe awazi. Ngakho, empeleni, Wambiza wabuya. Ukubola kwakuyazi iNkosi yakho. Umphefumulo wawumazi uMdali wawo. Nomuntu, wayekade esefile, wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila futhi, emva kokuba esefe izinsuku ezine. Lowo wayengaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu!

¹⁹⁶ KwakunguMuntu ngenkathi Ehla evela entabeni, ngalobobusuku, futhi wayelambile, waqalaza yonke indawo phezu komkhiwane, ukuba athole into ethize azoyidla. WayenguMuntu ngenkathi Elambile. Kodwa ngenkathi Ethathe amabhesikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho wayengaphezu komuntu.

¹⁹⁷ WayenguMuntu ngenkathi Elele ngaphandle kwingemuva lalesosikebhe, ngalobobusuku, lapho odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle befunga ukuthi babezoMminzisa. Nalesosikebhe esidadlana kulesosiphopho, njengesivalo sebhodlela phandle lapho ndawo ndawo, sintanta phansi phezula kanjalo. WayenguMuntu ngenkathi Elele, Wayekhathele, kwakuphumile amandla kuYe. Kodwa ngenkathi Ebeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa useyili wesikebhe, wayesebheka phezulu wayesethi, “Thula, uthi du,” nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu. Lowo wayenguNkulunkulu kuKristu, Ebuyisana nezwe!

¹⁹⁸ WayenguMuntu ngenkathi Efa esiphambanweni, ekhalela isihawu. Kunjalo. Kodwa WayenguNkulunkulu ekuseni ngePhasika, ngenkathi Ephula uphawu, wayesethuneni, wavuka futhi wenyukela Phezulu, (yebo, mnumzane) uphila njalonjalo ukwenza izinxuselo. Wonke owesilisa nowesifazane, oke waba nokubaluleka okuncanyana, wayekukholwa lokho. Yebo, mnumzane.

¹⁹⁹ Nguyenena izolo, namuhla, naphakade! “Niyakukholwa lokhu na?” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. Mkhulu nje khona lapha phakathi kwethu, kulobubusuku, njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Niyakukholwa lokhu na? [“Amen.”] UnguMphilisi ofanayo, kulobubusuku, Ayenguye ngaleyonkathi. Niyakukholwa lokhu na? [“Amen.”] Impela. Angehluleke. Yiba

ngophikelelayo. Bamba isikhundla sakho kuKristu, ukuvuma kwakho. Bambisisa ukuvuma kwakho kuKristu.

²⁰⁰ Wayengophikelelayo futhi wathola ukuvuka komnewabo.

²⁰¹ Owesifazane waseShunemi wayengophikelelayo ebukhoneni bukaElija. UEliza uyedlula wayesembusisa, futhi wamtshela ukuthi wayezoba nendodana. Indodana yayisithi ayibe neminyaka eyishumi nambili ubudala. Iphandle ensimini, ifanele ukuthi yashaywa ukushisa kwelanga. Lona wesifazane wayebe nomusa kakhulu kuElija. Wayengowesifazane waseShunemi, futhi wavela ezweni laseShunemi. Futhi uthola ukuthi. . . Wathi kumyeni wakhe, eyisicebi, wathi, “Ngiyabona ukuthi lomuntu odlula lapha ungumuntu ongewe.” Wathi, “Asimenzele umusa othize.” Wathi, “Asimakhele ikamelo elincane ohlangothini lwethu lwendlu lapha, uma edlula, futhi simbekele umbhede omncane nesitsha samanzi phandle lapho, ukuze aziphumulele.”

Nomyeni wakhe wathi, “Lokho bekungaba kuhle kakhulu.”

²⁰² “Ngakho nenza okuthize kulaba abancinyane, nikwenza kiMi,” uJesu washo.

²⁰³ Ngakho wathi, watshela inceku yakhe, uGehazi. Wathi, “Hamba umbuze, ngingakhuluma nenduna, noma ngingamenzelani na?”

Wathi, “Qhabo, ngihlala phakathi kwabantu bami. Ngikahle.”

NoGehazi, uGehazi wathi, “Kodwa akanabantwana.”

²⁰⁴ Wathi, “Hamba umtshela.” Nakho kuvela umbono. Wathi, “Hamba umtshela, ngalesisikhathi uzobeletha umntwana.” Futhi wakwenza.

²⁰⁵ Umfana wayesethi akabe neminyaka eyishumi nambili ubudala. Owakhe, uyise esemdala. Wayephandle endle, ngolunye usuku, kufanele ukuthi waba nokushaywa ukushisa kwelanga. Kwakuthi akube semini, uqala ukukhala, “Ikhanda lami! Ikhanda lami!” Wathumela umfana phakathi. Futhi wacambalala ethangeni likanina waze wafa. Buka indawo efanele kanje, wamkhiphela kulelokamelo lapho lowomprofethi ayecambalele khona kulowo mbhede. Niyabo?

²⁰⁶ Wayesethi encekwini, “Bophela umnyuzi, bese uphumela eNtabeni iKameli. Phezulu lapho ngumphandu ndawondawo, lapho lomshumayeli akhe khona. Kwakunguye owayenamandla okubona umbono, wathi ngiyozala lendodana; futhi uma esondele ngokwenele kuNkulunkulu, uyisithunywa sikaNkulunkulu sehora. Futhi ngiyazi, uma engangitshela ukuthi kungani, uma ngingafinyelela kuye, uyongitshela ukuthi uNkulunkulu umthatheleni umntwana. Mangenyukele lapho.” Wathi, “Uma noma ubani ebingelela, ungabingeleli. Futhi ungami; qhubeka nje uhambe.”

207 O, ngiyakuthanda lokho! Isikhathi esiphuthumayo manje. Abantu bayafa, besingafanele ukuba silokhu sidlala emgwaqeni. Hambani. Futhi wayengophikelelayo.

208 Futhi uElija. Niyazi, uNkulunkulu akabatshele njalo abaprofethi baKhe yonke into ezokwenzeka. Wabheka phezulu futhi wambona eza, wathi, “Nakho kuza lowomShuneni.” Wayesethi, “Ugcwele usizi, kodwa uNkulunkulu ungifihlele khona.” Wathi, “Gijima, umhlangabeze.” Futhi u . . .

209 Wathi, “Usahlezi kahle na? Indoda yakho isahlezi kahle na? Indodana yakho isahlezi kahle na?”

210 Ngiyakuthanda lokhu, lokho kuphikelela waze wafika ebukhoneni besithunywa. Wayesethi, “Sisahlezi kahle.” Hus- . . . indoda yakhe ikhama izandla zayo, futhi yehla yenyuka ekamelweni, ikhala, nengane ilele embhedeni, ifile, kodwa, “Sisahlezi kahle.” Amen. Ngani? Wayesefike emgomweni wakhe. Wayenze umgomo wakhe. Ukuphikelela kwakhe, ukuba akwazi ukufinyelela kumuntu kaNkulunkulu, umuntu kaNkulunkulu wakwazi ukumtshela ukuthi kungani. Wayese-ke ewela ezinyaweni zakhe wayesebula ukuthi kwakwenzekeni.

211 Manje welulekela ngale wayesethatha udondolo lwakhe, wayesethi encekwini yakhe, “Thatha lolu, futhi uhambe ulubeke phezu kwengane.” Manje, ngicabanga ukuthi yilapho uPawulu athola khona ukubeka amaduku phezu kwabantu. Niyabo, ngoba uElija wayazi ukuthi yonke into ayeyithintile yayibusisiwe, kodwa uma wayengathola owesifazane ukuba akukholwe!

212 Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni, kwakukumprofethi. Niyabo? Wayesethi, “Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, nomphefumulo wakho awufi neze,” niyabo, wayefakazile lapho ukuthi wayenokuPhila okuPhakade. Wathi, “Nomphefumulo wakho awufi neze, angizikukushiya.” O, he, hlala nakho! Nakho-ke.

213 Yileyondlela yokuthola okufunayo. Njengalona wesifazane waseShunemi, njengalona wesifazane waseSirofenike, hlala nakho! Hlala lapho ngqo. Hlala ngqo noKristu. Kubambe, kulobubusuku, futhi ubambe lapho. Ungagudluki nje. Kusasa, uma umuntu othize ethi, “Lokho nje yi . . .” Vala izindlebe zabo nje kubo. Unokukholwa: Hlala lapho.

Wathi, “Angiyikukushiya.”

214 UElija wayesethi, “Awu, angikwazi ukumsusa, kungcono ngihambe naye.” Ngakho wayesebopha izinkalo zakhe, wayesesuka ehamba.

215 Bhekisisani ngenkathi engena ekamelweni. Wayengazi ukuthi uzokwenzajani. Akazange akhuleke. Wavele nje waya emuva naphambili, phansi phezulu kwiphansi lendlu, waze wezwa uMoya kaNkulunkulu ufika phezu kwakhe.

Wayesehamba-ke wayesezilalisa phezu kwengane, futhi yathimula kasikhombisa, yase iphila.

²¹⁶ UMarta wazi, uma uNkulunkulu wayekulowomprofethi, ngempela WayeseNdodaneni yaKhe, niyabo, futhi yilesosizathu akwazi ukuba ngophikelelayo.

²¹⁷ Futhi ukuba besinezinkulungwane zeminyaka yesehlakalo kusukela ngaleyonkathi, ukwazi ukuthi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe, besifanele kanjani ukuba ngabaphikelelayo kulobubusuku lapho singabona khona uBukhona bukaJesu Kristu, o, he, futhi sikhanye njengezinkanyezi!

²¹⁸ Ngiyakhumbula ngobunye ubusuku, ekhaya kungekudala, kwakukhona owesifazane, futhi ngangingazi ukuthi owesifazane wayefuna ukukhulekelwa. Angehlanga futhi ngikhulekele abagulayo ngalobobusuku. Futhi kwakuminyene kakhulu ngasendaweni! Nabanye babaphatheli bami bahlezi phakathi lapha ndawondawo, kulobubusuku, wayelapho. Futhi kwakukhona owesifazane ovela eCalifornia, wayenethumba elingamaphawondi angamashumi amahlanu. Wayengayi kudokotela; futhi manje-ke, ngenkathi bemhambisa, lase lilikhulu kakhulu ukuba lihlinzwe, elikhulu ithumba lamanzi. Futhi wayephume kude *kanje*, ithumba elikhulukazi. Futhi babemlethe lapho. Babemlethile. Abakwazanga ukumletha ngemoto. Kwadingeka bamfake enqoleni, okunjengayo, ukuba bamlethe. Futhi babemngenisile. Ngangingakwazi, futhi ngavele ngaqhubeka nje futhi ngakhuluma. Futhi wathi, “Awu, ngabe akazu ku. . .” Ngenza ukubizela ealtare. Wathi, “Akazukubakhulekela yini abagulayo na?”

Wathi, “Qhabo.”

²¹⁹ Wathi, “Uphuma kumuphi umnyango na?” Ehhe. Manje cabangani nje, ukukholwa kwakhe! Base bethatha owesifazane bemhambahambisa, basebemthwala bemjikisa emnyango ongemuva, lapho engiphuma khona ngedlulela ekamelweni lokutadishela umelusi ngase ngiya emotweni yami.

²²⁰ Nowesifazane elele lapho, wangibamba ngomlenze webhulukwe, wayesethi, “Mfowethu Branham!” Omkhulu, o, he, wayephandle *kanjalo*. Wathi, “Uma nje uzobeka izandla zakho phezu kwami, uNkulunkulu uzongisindisa.” Futhi ngakwenza lokho.

²²¹ Futhi cische ezinyangeni ezintathu kusukela ngaleyonkathi, ngangisemhlanganweni. Futhi nango wayemile, ephile nje ngokuphelele phaqa njenganoma yimuphi owesifazane ezweni; futhi wamema noma yimuphi udade lapho ukuba aye naye ekamelweni, futhi akhumule futhi abone ukuthi ngabe wabanakho yini ukuhlinzwa noma qha.

222 Ngani na? Wayengophikelelayo. Wayephokophelele ukuthola akuzele. Kungaleyondlela-ke. Yebo, mnumzane. Ukukholwa kwabo kwakubambe iZwi.

223 UMikhaya, ngesinye isikhathi, ngenkathi ebizelwa phakathi. Ngenkathi uJehoshafati enze umbimbi noAhabi, lokho kungenkathi ikholwa nongakholwayo exubana. Futhi wathi babefuna ukuhamba babenempi; babenyukela endaweni, ukuyothatha umhlabathi wabo uqobo. Ngokusuka emsukeni, wawungowabo. Wathi, “Kungani lamaAsiriya edla ummbila ongowakwa Israyeli na? UJoshuwa usinika lowo!” Kunjalo impela. Ngakho bahamba futhi babenesikole esikhulu sabashumayeli ezansi lapho, lonke ikholiji; amahlanu, amane noma amakhulu amahlanu abo, amadoda angamaHeberu aqeqeshwe kahle.

224 Futhi ngakho uJehoshafati washo, engumuntu olungile, wathi, “Kodwa singabuzi eNkosini na?”

225 Wathi, “O, yebo, mhlawumbe kunjalo.” UAhabi, niyazi ukuthi wayengumfo onjani, ngakho wehlela ezansi. Futhi wathi, “Nginempendulo, nginabaprofethi abangamakhulu amane. Sizobenyusela lapha.”

226 Ngakho behlela ezansi lapho, futhi oyedwa wabo, uZedekiya, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, wazenzela izimpondo ezimbili ezinkulu zensimbi futhi wenyukela lapho, ethi, “ISHO KANJE INKOSI. Yenyuka, lingelakho. ISHO KANJE INKOSI, uyowaphusha lawomaAsiriya ayoplum aphume ezweni, ngalezizimpondo.”

227 UJehoshafati waqalaza, niyazi, futhi wa—wathi, “Awunaye omunye na?”

228 “Omunye na? Ngenkathi abaprofethi abangamakhulu amane abangamaHeberu abaqeqeshiwe esikoleni, babemdingelani omunye na? Sinabangamakhulu amane! Lonke ikholiji lilapha, futhi bonke nganhliziyo-nye, bethi, ‘Yenyuka, iNkosi inawe. ISHO KANJE INKOSI.’”

UJehoshafati wathi, “Awu, awunaye omunye na?”

229 Wathi, “O, nginaye omunye engingahle ngimbuze,” wathi, “lowo uMikhaya indodana kaImla, kodwa,” wathi, “Ngiyamzonda.” O, impela. Ya. Wathi, “Awu, akavumelani ngisho nalamahlelo nezinto.” Wathi, “Thina—thina, awu, ufanele. Lapho, kunomfo oxakile,” basho.

“O,” wathi, “inkosi mayingasho njalo. Hamba umlande.”

230 Ngakho bathuma omunye wabafo ezansi, bathi, “Manje, Mikhaya, uyazi ukhishiwe enhlanganweni, awusenanhlanganyelo nabo nhlobo. Kodwa manje uma nje uzosho, into efanayo abayenzayo, bangahle bakubuyiselele ikhadi lakho lenhlanganyelo, uma ubuya futhi.” Ungathini nje ukhuluma kumprofethi kanjalo na?

231 UMikhaya wathi, “Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, ngiyosho kuphela lokho Akushoyo.” Manje nakho lapho okhona. Amen. Yilokho.

“Awu, uyazi ukuthi bangakwenzelani na?”

232 “Lokho akunandaba. Ngizosho kuphela lokho Akushoyo.” Wabuyela emuva kuye, wathi, “Manje ngivumele ngibe nalobubusuku, futhi ngizobona ukuthi iNkosi itheni.”

233 Uyabuya ngokusa okulandelayo, futhi wathi, “Qhubeka wenyuke. Yebo, mnumzane. Qhubeka wenyuke. Kodwa ngibone uSrayeli, njengezimvu ezihlakazekile, zingenamelusi.”

234 Khona-ke loZedekiya uyenyuka, futhi uthatha isandla sakhe futhi wammukula emlonyeni ngqo, “lowomgingqiki ongcwele omncane,” wamhlalisa phansi futhi wathi, “Wayangaphi uMoya kaNkulunkulu ngenkathi uphume kimi na?”

Wathi, “Uzobona.”

Ngakho wathi, “Uthini ngakho na?”

235 Wathi, “Ngibone umbono izolo ebusuku. Ngibone uNkulunkulu ehlezi phezulu endaweni ephakeme, futhi kuLokhu, isiHlalo saKhe sobukhosi esikhulu esiphakeme.” Futhi wathi, “Yena, bonke wayeMzungezile. Babenomkhandlu, ‘Ubani esingamthola ukuba ehle futhi akhohlise uAhabi, ukumenyusela lapho ukuba kugcwaliseke okwashiwo umprofethi uElija na? Ngingenzenjani ngalokhu na?” Futhi wathi, “Umoya wamanga uyenyuka, futhi wathi, ‘Ngizokwehla futhi ngingene kulabobaprofethi, futhi ngibabangele ukuba benze amanga.’ NeNkosi yathi, ‘Nguwe ongakwenza, ngoba baqeqeshwa ngokwekholiji, niyazi.’ Wathi, ‘Hamba ukwenze. Yilokho kuphela ongakwenza.’” Wehlela lapho, futhi wakwenza!

236 Manje wena uthi, “Awu, ubani ozokwazi ukuthi yini ebilungile na?” UMikhaya wayeneZwi!

237 Ungakubusisa kanjani uNkulunkulu akuqalekisile na? Ungabatshela kanjani abantu ukuthi bangaphila kanje futhi benze lezizinto, futhi babelokhu besabambelele enhlanganyelweni kaJesu Kristu na? Ngeke ukwenze. Ufanele uzalwe kabusha futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . . UJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwemukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso singesabantwana benu, nabo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Kwakuyilesa isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Awufuni ukuthintana naleso sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo.

238 Udokotela angakubhalela indlela yokuwenza. Futhi uyisa lokho kusokhemisi othize onguwaka, futhi akawuxubi ngokuyikho, uzosibulala isiguli sakho.

²³⁹ Futhi yileyo indaba namhlanje, nizithathele ukuxhawulana nayo yonke enye into, esikhundleni saLokho. Buya! UNkulunkulu wavumela uPetru abhale isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo waPhakade wensindiso. Awukaze ushintshwe, futhi Ungeshintshwe. Ukuxhawulana nokujoyina isonto, nezinto, akusoze kwathatha indawo yaWo. Sizofanele sibuye, iZwi ngeZwi, indlela eLilotshwe ngayo Lapho. Leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ababewusebenzisa yonke indlela eBhayibhelini. Bawusebenzisa kwaze kwayofika eMkhandlwini waseNayisiya, base-ke beshintsha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Yingaleso sizathu sinamalunga amaningi kakhulu afile namhlanje. Qiniso. Ufanele uthole isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sangempela. Khona-ke yazi, uma ushaya okuqondiwe lapho, uzoshaya okuqondiwe manje, “Ngesenu nesabantwana benu, nabo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Ungazithatheli noma yini kuWo. Ungenezeli lutho kuWo. Uma ubeka okunye okuningi kuWo. . .

²⁴⁰ Khumbulani, isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo siyikhubalo elenele nje phakathi lapho ukuthatha isifo, senele ukubulala okwenele ko—komuthi esigulini. Futhi uma unga, ufaka okuningi kakhulu kwe—kwekhubalo kuso, noma okuthize okunye okungeke kusebenze, kuwenza ubelula kakhulu, ngeke usisize isiguli. Ufaka uphoyizeni omningi kakhulu phakathi, uyosibulala isiguli. Ufanele nje ube kahle.

²⁴¹ Futhi Waloba isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo kwaPhakade, ngokuba kungokwasosonke isizukulwane. Hhayi ukuxhawulana, ukujoyina isonto, nazozonke lezi ezinye izinto. Wathi, “Phendukani, bese-ke nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelwa kwezono zenu, futhi niyakwemukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Kuthenjise kini nabantwana benu.”

²⁴² Bathatha lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo futhi bawugcwalisa kwikhawunta kaNkulunkulu enkulu. Futhi ngenkathi bekwenza, ngoSuku lwePhentekoste, baphilisa abagulayo, benze konke okwakufanele kwenziwe; ngoba kwakunguNkulunkulu, uKristu kubo. Kulungile.

²⁴³ UMikhaya wayazi ukuthi lelo kwakuyiZwi leNkosi, ngoba kwakuyikho impela lokho i—iBhayibheli, umProfethi wangempela, akusho. UNkulunkulu wayeyiqalekisile leyondoda futhi waqalekisa umkayo, ngenxa yobubi babo. Futhi uma (bona) Wayekuqalekisile, lamadoda ayengakwenza kanjani efika ngapha futhi akubusise na?

²⁴⁴ Nakhu lapho abathola khona umqondo wabo. Izwe lingelabo. Empeleni lanikwa bona. Kodwa izono zabo zazibaxoshile kulo. Ngakho bacabanga, ngoba izwe lalingelabo,

ukuthi lokho kwakuyikho kuphela ababedingeka babenakho. Qhabo, mnumzane.

²⁴⁵ Kusemibandeleni. Ngokoqobo. Ungaba nakho ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ungaba nayo insindiso, ungaba nawo umbhaphathizo kaMoya oNgwele, kodwa lokho kusemibandeleni, ukuthi uhlangabezana nemibandela kaNkulunkulu. Ngaphandle kwalokho, akusikho kwamuntu kodwa amakholwa.

²⁴⁶ Indoda yathi kimi, kungekudala, umfundisi, wathi, “Angikhathali uma ubungavuka futhi ube nezitatimende zikadokotela zokuvusa abafileyo, nakho konke okunye,” wathi, “Angikukholwa.”

Ngathi, “Impela ngeke, akusikho okwabangakholwayo.”

²⁴⁷ Kukumakholwa kuphela. Akunikwanga abangakholwayo. Kuthunyelwe kuphela emakholweni. Kungokwalokho kuphela, okwamakholwa, hhayi abangakholwayo. Impela, bayavuma lapho oku—okungalungile.

²⁴⁸ Kodwa uMikhaya wayazi. Ngenkathi ebone umbono wakhe wawuneZwi likaNkulunkulu ncamashi, khona-ke wazi ukuthi laliqinisile. Futhi wayengophikelelayo, noma ngabe kwathatha impilo yakhe noma qha. Wathi, “Uzothola, uma konke lokhu sekwenzeka engikushilo, kufezeka, khona-ke uyokwazi ukuthi Likuphi.”

²⁴⁹ Indlela efanayo, indoda eyimpumpithe, yayingenakuphikisana nesayense yabo yezenkolo; kodwa yazi ukuthi amehlo ayo lavuleka, ngakho yayingophikelelayo ngempela ngakho. NjengoFiliphu, nanjengoNatanayeli, owesifazane emthonjeni, bonke babengabaphikelelayo emva kokuba sebethole uNkulunkulu.

²⁵⁰ Manje sengivala, sizozala umugqa womkhuleko njengamanje ngomzuzu, into ethize nje ifika emqondweni wami njengamanje ukusho.

²⁵¹ Kungekudala, ngangiseMexico, ezansi. INkosi yayinguthume ezansi eDolobheni laseMexico, leyinging enkulu lapho. O, abantu babengezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane. Futhi ngobusuku bakuthangi, kwakukade kukhona indoda impumpithe endala eza emsamo, futhi, manje, kwakungokunye kokubona okwesabeka kakhulu. Kwakukhona i . . .

²⁵² Bangaki owazi uMfowethu Espinoza na? Niyabo, kunabaningi. Impela. Awu, manje, wayengutolika wami. Anganitshela lokhu. Futhi kwakukade kunendoda eyimpumpithe eyenyukela emsamo, umMexico omdala oyimpofana.

²⁵³ Nezomnotho wabo zibhalansa kabi kakhulu lapho. Isibonelo nje, mhlawumbe u—umeselane owakha ngezitini uyohola

imali ipeso engaka ngosuku, mhlawumbe asithi imali ipeso enhlanu ngosuku. Angazi ukuthi bekungaba ngakanani. Nalowo nguPedro, futhi uhola... Ungumeselane owakha ngezitini, ngakho uhola imali ipeso enhlanu ngosuku, kodwa uzofanele asebenze izinsuku ezinhlanu ukuba azithengele ipheya lezicathulo, niyabo, kwezomnotho zabo. Futhi kuthiwani ngoPancho omncane-ke, uChico, omncane ozosebenza phandle lapha futhi ehola kuphela imali ipeso embili ngosuku, futhi enabantwana abahlanu ukuba abondle na? Kodwa bazofanele bongwe eyenele yaleyo, ukuba bokhele ikhandlela likagrisi ealtare legolide lesigidi samadola, ngezono zakhe, niyabo. Yilokho okwangivuthisayo, futhi manje-ke ukubabona benza ukuzihlawulisa kwabesifazane abafile, futhi begaqa ngamadolo abo, nezinto ezinjalo.

²⁵⁴ Ngakho, ngobunye ubusuku, lendoda endala iyeza inqamula umsamo, yayingafake zicathulo. Izinwele zayo zazimpunga. Yayinesigqoko esidala siboshwe ngezintambo. Yayiza inqamula umsamo. Ngambuka umfo omdala. Futhi lapha ngangimi nepheya elihle lezicathulo nesudu enhle. Wayeyimpumpithe. Wayehamba *kanje*. Futhi wathi, futhi wayelokhu esho okuthize. Kusobala, angeke ngikhulume amagama ambalwa esiSpenishi. Uza ngokunqamula ngalendlela. Futhi ngafinyelela kuye, ngabeka... Ngacabanga akukho-muntu ozongibona; nga-ngakhipha unyawo lwami *kanje*, ukubona ukuthi unyawo lwami, uma isicathulo sami sasiyomenela. Uma sasiyomenela, ngangizozinyomula futhi ngimvumele azithathe. Futhi, khonake, unyawo lwakhe lwaluthi ukuba lukhulu kakhulu. Futhi ngakho nga-ngathi uku... ngathi, "Busiswa, babayi."

²⁵⁵ Futhi ngaphakamisa amahlombe ami, ukubona ukuthi ibhantshi lami lalingamlingana yini. Futhi lalingeke limlingane, futhi emkhulu kakhulu. Wayengenayembe, wayegqoke nje ibhantshi elidala. Futhi ngacabanga, "Umfo bandla omdala, mhlawumbe akakaze abe nokudla okufanele empilweni yakhe." Amabhulukwe akhe amadala, emanikiniki, nothuli kuye wonke. Futhi lapha udeveli wayemphuphuthekisile ngisho. Futhi wayelapho, ehamba enqamula lapho, esho okuthize. Futhi ngacabanga, "Uma ubabayi wami wayephilile, ubeyocishe abeneminyaka enganga leyondoda endala ubudala." Ngacabanga, "O Nkulunkulu!"

²⁵⁶ Futhi ngayigaxa. Ufanele ubazwele abantu. Uma ungabazweli, akukho sidingo sokukhuleka, awunabubele. Futhi ngayigaxa.

²⁵⁷ Ngathi, "Ungakusho lokhu, Mfowethu Espinoza." Abawuhumushi umkhuleko, noma kanjani.

²⁵⁸ Ngakho ngathi, "Baba waseZulwini, ihawukele." Ngangibeke izandla zami kuyo kanje.

259 Yampongoloza, “Gloria de Dios!” Lokho kuchaza ukuthi, “Udumo kuNkulunkulu.” Niyabo? Yaqalaza *kanjalo*, nendoda endala yayingabona kahle njengoba nami ngingenza. Lapho yahamba, isuka emsamo.

260 Awu, u—ubusuku obulandelayo, cishe babene, o, cishe impela ukusuka lapha kuya emnyango, kwakungaba umsamo, futhi nje amatshali amadala nezimpahla ezimanikiniki zinqwabelene phezulu lapho, ukuba zikhulekelwe. Futhi laliyidliwa imvula, babengeke bathole..Futhi bayafika lapho ngalokho kusa, lapha ngelesishiyagalombili noma elesishiyagalolunye nqo; futhi ngangingeke ngibe lapho kuze kube yilobobusuku, cishe eleshiyagalombili noma elesishiyagalolunye. Ngakho kwakunabantu abaningi kakhulu ngapho. Kungekho zihlalo zokuhlala phansi, njengoba ninazo. Babencike komunye nomunye. Bemi lapho kuleyomvula, abasifazane nezinwele zabo zonke zilengela phansi, bemazi, belinde nje ukuzwa iZwi lokuPhila.

261 Futhi uJenene Valdivia wayengingenisile. Ngigagele nanazi ngaye, ungomunye wosomabhizinisi abangamaKristu. Futhi umprotestani wokuqala owake wangeniswa ngaphansi kokuvikelwa nguhulumeni. UJenene Valdivia eMexico, ngakho khona-ke ngangi. . .

262 Ngalobobusuku ngangena, bangehlisa ngezintambo, ngemuva phandle emva kweringi. Ngehlela kuyo kanje, ngezintambo, kusuka kwingemuva lemoto. Futhi ngisehlela eringini, ngawelela lapho. NoBilly uza kimi, indodana yami, wathi, “Kunomfo lapho obekade ekhipha amakhadi omkhuleko.” Ngimbiza ngo *Mañana*, lokho kusho ukuthi “kusasa,” wayeyisinokwe kakhulu, futhi wayengalokothi angilande. Ngakho wayekhapha amakhadi omkhuleko.

263 Futhi uBilly wathi, “Awu,” wathi, “Babayi, kunowesifazane ezansi lapho onengane efile.” Futhi nonke nilubonile loludatshana kwiyi *Voice* yeBusiness Men. Futhi wathi, “Unengane efile.” Futhi wathi, “Asisenawo amakhadi omkhuleko.” Futhi wathi, “Nginabangenisi cishe abangamakhulu amathathu abangakwazi ukumbamba.”

264 Futhi wa—wayengowesifazane omncanyana, inenekazi elincane nje, owesifazane omuhle kakhulu. Futhi waye. . . wayenalengane encane efile, noblankethe omncane onemishwe el’hlaza sibhakabhaka kuwo, ebambe isimo esiwuqotho esincane, cishe ende kangaka, ezingalweni zakhe, wayekade emi lapho kusukela kulokho kusa. Ingane yafa ngelesishiyagalolunye nqo, futhi lokhu kwakucishe kube eleshumi ngalobobusuku. Futhi ngakho wayebambe lengane encane ngezingalo zakhe.

265 Futhi ngathi—ngathi, ngathi, “Awu, tshela bona abangenisi nje bayivimbe. Uma nimngenisa nalabobantu abaphethe

ikhadi lomkhuleko,” ngathi, “kuzokwenza . . .” Futhi ngathi, “Ningemtshele ukuthi eze ngapha na?”

²⁶⁶ Wathi, “Ungeke umtshele lutho.” Wathi, “Angeke nje akulalele.”

Futhi ngathi, “Awu, abangenisi abenele ngapho, impela, ukumvimba.”

Wathi, “Ungeke ukwenze.”

²⁶⁷ Ngathi, “Mfowethu Moore.” Bangaki abazi uMfowethu Jack Moore? Uyi . . . Ngathi, “Angeke awazi umehluko phakathi kwakho nami. Akangazi.” Ngathi, “Yehlela lapho futhi umkhulekele, Mfowethu Moore.”

Wathi, wathi, “Kulungile.”

²⁶⁸ Ngathi, “Yehla futhi ukhulekele ingane. Nalokho kuzomenelisa, futhi uzoqhubeka aye ekhaya.”

Wathi, “Kulungile.”

²⁶⁹ Ngakho ngaphenduka emuva. Ngangikhuluma ngokuthi “ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo,” nangoJesu, nokuthi Wakwenza kanjani ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ekhuluma kubo. Futhi nje lapho sengiqalile ukukhuluma, ngabuka phambi kwami, embonweni, futhi kwakukhona ingane encane onobuso obunsundu, futhi yayi—yayingihleka. Futhi ngabuka futhi.

UMfowethu Espinoza wathi, “Yini, Mfowethu Branham na?”

²⁷⁰ Ngathi, “Ungakhathazeki, Mfowethu Espinoza. Gcina nje isixuku sibungazekile, umzuzwana nje.”

²⁷¹ Futhi ngaphuma. Ngathi, “Awume umzuzu, Mfowethu Moore.” Futhi ngakho wayesevele ehlele lapho encane . . . lapho owesifazane omncane ayekhona. Futhi ngathi, “Mtshele alethe ingane lapha.”

²⁷² Futhi nangu enyukela emsamo. Waguqa ngedolo elilodwa, norosari esandleni sakhe. Wayethi, “padre,” lokho kusho ukuthi “fata,” niyazi.

²⁷³ Ngathi, “Sukuma manje. Sukuma.” Ngamsukumisa. Ngathi, “Ingane ifile?” Akaqondanga. Izinyembezi zehla ebusweni bakhe obuncane, nezinwele zakhe zehle zaba yizintambo. Manje lokhu yiqiniso; nanto iBhayibheli lami. Futhi, niyabo, ngabeka isandla sami phezu kwengane encane, futhi ngacabanga ukuthi lokho kwakuzomenelisa. Ngangingazi ukuthi leyo kwakuyingane. Ngangingena kukusho.

²⁷⁴ Ngase ngithi, “Baba waseZulwini,” ngathi, “phambi kwami kube nombono wengane encane, futhi mhlawumbe lena kungaba yiyo. Futhi uma kuyiyo, ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuba uhloniphe lokhu kukholwa kowesifazane omncane, ukubuyisa ingane yakhe.”

275 Futhi nje ngaleyonkathi lowomfo omncane washo wadazuluka futhi uqala ukukhala kakhulu, ngawo onke nje amandla akhe. Nowesifazane omncane, wayengazi ukuthi enze njani. Ngakho u... Ngatshela uMfowethu Espinoza. Ngathi, “Manje ungakusho. Futhi linda, hamba bese usayinisa udokotela isitatimende kulokho.”

276 Futhi kuyiVoice, iVoice yeChristian Business Men, maduze nje, kwabonakala. Niyabo, ngaphambi kokuba ubhale noma yini, ufanele ube nobufakazi obubonakalayo ukuthi lokho kuqinisele. Udokotela wasisayina isitatimende, “Ingane ifile, inenyumoniya; konke okokuphefumula kwasuka kuyo, ngalokho kusa ngeleshiyagalolunye nqo,” eofisi lakhe. Nalokhu kwakungeleshumi nento ngalobobusuku, ngenkathi ibuye iphila futhi, ngoba owesifazane omncane wayengophikelelayo.

277 Uma uNkulunkulu akwazi ukuvula amehlo endoda eyimpumpithe, Wayngakwazi futhi ukubuyisa ingane yakhe. UsenguNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku, mngane. Ufanele ube ngophikelelayo, ukuba uzuze into ethize. Ukuba-ke wayelalele, futhi wathi, “Awu, ingane ifile,” futhi ayidele nje futhi aqhubeke na? Niyabo? Futhi bonani ukuthi ngabe lokho kukholwa okufanayo okwakuhlala kwabesifazane njengowesifazane waseShunemi, kusaphila kubantu namhlanje. Kanye ngasikhathi, babekwazi ukushaya leyonto ethize. Hhayi okokufakelwa, hhayi ukuzenzisa; kodwa into eyiyo ngempela, into e—engeyoqobo. Anicabangi yini ukuthi singakwenza lokho kulobubusuku na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

278 Manje sesizokhulekela abagulayo, sibeke izandla phezu kwabo, eGameni leNkosi uJesu, ukubakhulekela. Manje mhlawumbe singabanomugqa udabule cishe, o, mhlampe amashumi amabili, imizuzu engamashumi amathathu. Manje singeke samela ukwahlukaniswa ngokubona okufihlakeleyo, niyakuqonda lokho ngempela, ngoba kuyoba kakhulu. Kodwa sizokhuleka futhi sibeke izandla kwabagulayo. Nilungele kulobubusuku na? Niyezwa, enhliziyweni yenu, into ethize egxilise okwehange, uBukhona?

279 Bangaki okade ekhona lapha emihlanganweni iviki lonke, asibone izandla zenu. Ngiqagele ngempela nonke. Kulungile. Bangaki ongakaze abekhona komunye wemihlangano ngaphambili, phakamisani izandla zenu. Awu, he, ingxenye. Awu, ngiqagele abanye ngeke bangene. Awu, mangisho nje kubo... Isizathu, abanye babo bangahle babenekhadi lomkhuleko.

280 Ukuphilisa ngokuNkulunkulu into ethize uNkulunkulu asevele ayenzile. Niyabo, yinto ethize. Siyakholwa, futhi ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke, ukuthi iBhayibheli lamaHeberu 13:8, “ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade,” Uyefana. Futhi ngiyakholwa ukuthi ukuPhila

okwakukuKristu kufanele kube kithi, uma singamaKristu. Futhi Wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza.” Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, “Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁸¹ Manje lapha, isibonelo nje, lapha. Nonke, ngokwazi kwami, yizihambi kimi. Kulungile, ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela okomzuzwana. Futhi uma uJesu engabonakali phakathi kwethu, eMandleni aKhe afanayo, khona-ke ngingumprofethi wamanga, ningabe nisangilalela.

²⁸² Bangaki lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, awuzukuba semgqeni womkhuleko, phakamisa isandla sakho, noma ngabe ukuphi. Bheka ngapha, futhi ukhuleke ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi ukholwe. Lokhu ngokul’khuni... Bekungenjalo, angizanga ngilungiselele lokhu manje, kodwa ngiyazi asinaso isikhathi eside kakhulu ukuhlala lapha.

²⁸³ Manje ngizothatha bonke omoya abaphakathi lapha babephasni kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu. Manje hlalani nithule. Futhi uma ungakholwa, ngani, kungcono ugcine ikhandla lakho likhothema, uyabo. Uyabo?

²⁸⁴ Kodwa uma uyikholwa, iBhayibheli lasho ukuthi, “UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Futhi Wenza kanjani ngenkathi owesifazane eMthinta na? Waphenduka futhi wazi ukuthi wayengubani, nokuthi yini eyayingalungile kuye. Wayibona imicabango yenhliziyi yabo. Anikholwa yini ukuthi Nguyena namuhla naphakade na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma unesidingo, khuleka manje. Futhi yini e... .

“Ukhuluma ngani, Mfowethu Branham na?”

²⁸⁵ Uma ngiyinceku yaKhe, futhi ngiyasho ukuthi ukuphila kwaKhe kuphakathi *lapha*, khona-ke imisebenzi efanayo izozikhombisa yona. Manje, niyazi umuntu angezenze lezozinto. Akunakwenzeka. Kodwa uKristu uhlale efana. Futhi ngifuna nikukholwe lokho.

²⁸⁶ Nomaphi endlini, ngifuna nibe nokukholwa kuNkulunkulu futhi nikholwe nje, futhi uthi, “Nkosi Jesu, indoda ayingazi. Futhi kade ngizwa ngalokhu, kodwa mhlawumbe kunjalo, futhi mhlawumbe. Angazi. Kodwa ngiyazi ayingazi. Futhi ngiyazi uma ibingangitshela... Manje ithi, ‘Ukuphiliswa kwakho sekuvele kwenziwe.’”

²⁸⁷ Ukuba uJesu ubemi khona lapha manje, egqoke lesudu, Angipha yona, ubengeniphilise. Bangaki okwaziyo lokho, nina bafundi beBhayibheli na? Qhabo, Usevele ukwenzile. Niyabo? Niyabo? Ubengakufakazisa ukuthi WayenguJesu, unguyena izolo, namuhla, naphakade; hhayi ngezibazi zezipikili. UkuPhila kwaKhe! Noma ubani ubengaba nezibazi zezipikili futhi abe nezinwele ezinde, mhlawumbe, nentshebe. Asazi ngisho nokuthi

Wayegqoka kanjalo. Besingeke sisho ukuthi lokho kwakulungile. Niyabo? Kodwa noma yimuphi umuntu ubengakwenza lokho. Kodwa ukuPhila kwaKhe kuyilokho okuyikho, ukuPhila kwaKhe kuwe.

²⁸⁸ Manje khulekani, futhi nithi, “Nkosi Jesu, mangithinte Wena,” futhi ngithole ukuthi ngabe Usahlala enguyena izolo, namuhla, naphakade. Uma Ezokwenza, nizokholwa na? Niyazi yileondlela Akwenza ngayo. Lokho kwaMfakazela enguMesiya.

²⁸⁹ Lelinenekazi elincane elihlezi lapha, lilokhu libuka phezulu kimi, futhi libeka izandla zalo ebusweni balo, nokunye nokunye. Une...Awunalo ikhadi lomkhuleko, ngiyacabanga. Wena, ngiqonde inenekazi elincane, awunalo ikhadi lomkhuleko. Qhabo. Kulungile, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uma iNkosi uJesu Kristu khonake...Siyizihambi ngokuphelele, si—siyisizwe eshlukene, omunye komunye. Kodwa uma nje ngingakhuluma kuwe.

²⁹⁰ Ohlezi phambi kwenu umngane wami olungile, uMnu. Dauch, ovela ezansi eOhio, obenokuhluleka kwenhliziyo okuphelele, kungekudala, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunyenanye ubudala. Odokotela bayamdela, nayo yonke into. Ngaqala kuye. Ungumfowethu othandekayo, yena nomkakhe othandekayo, behlezi lapho. Bangabangane bami abalungile. Futhi ngaqala kuye. Futhi nje ngangiphuma egaraji likaphetroli, ngizama ukumthola, cishe amabili, amamayela angamakhulu amathathu kusuka kimi. Futhi ngangishayela kanzima njengoba ngangingenza, ukumthola, ngoba wa...Wangibiza, wathi, “Bill uyafa.” Ukuhluleka kwenhliziyo okuphelele, nokuhlaselwa yinhliziyo, futhi iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunyenanye ubudala. Futhi ngaqala uhambo lokuya egaraji likaphetroli, ngibone uBill emi phambi kwami, eza kimi, emgwaqeni. “Ngiza noISHO KANJE NKOSI. Negeke afe.”

²⁹¹ Nangu ehlezi khona lapha manje. Lokho sekuyizinyanga ezedlule. Unokukholwa okuningi kakhulu. Uhlezi eduze kwalona wesifazane. Uhlezi emva kwakhe ngqo. Uyakholwa. Uyakholwa, naye.

²⁹² Manje, angikwazi. Kodwa uma uJesu Kristu... Isikhashana, sisakhuluma manje njengeNkosi yethu yakhuluma nowesifazane emthonjeni. Uma Ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, ukuthi ufunani, noma into ethize, awu, uzokwazi ukuthi kuyiQiniso noma qha, ungeke na? Kungokwendodana, futhi leyondodana inesimo sengqondo. Yi...Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho, uma lokho. Lokho, kunjalo. Kunjalo. Kulungile. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi uthathe lesosikhafu ozesule ngaso ubuso, usibeke eduze kwakhe, futhi ungangabazi, lesosimo sizomshiya. Manje yena impela

uNkulunkulu ongakutshela... Ungangabazi. Awuboni ukuthi kwenzekeni na?

²⁹³ Buka ngqo—ngqo kulona wesifazane, kuya ngqo kuye ehlezi lapha, i—inenekazi eliyikhaladi. Ngiyisihambi kuwe. Kodwa kunento ethize oyifisayo. Futhi mina ngiyisihambi, esinye isizwe; njengeNkosi yethu nowesifazane emthonjeni, omunye engumJuda, nomunye engumSamariya. Uma uNkulunkulu... Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko. Ngiqonde lelinenekazi elincane eligqoke ingubo enemishwe ebomvu, khona lapho. Yebo. Kulungile. A—a—angikwazi. Siyizihambi impela. Kunjalo na? Futhi manje uma uNkulunkulu engembula kimi ukuthi yini engalungile kuwe, noma into ethize, futhi wena uyazi ukuthi kuqinisele noma qha, ungeke na? Ngokusho obala, akukho okungalungile kuwe, kuphela unenhliziyi elambile. Ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Khona-ke uzoWemukela, kunjalo, uma uzokholwa ngenhliziyi yakho yonke. Ungangabazi nje. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Amen. Ya. Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Ngifuna ukholwe ngakho konke okusenhliziyweni yakho.

²⁹⁴ Nanti inenekazi elihlezi lapha, lingibuka ngqo, ezansi ngqo ezikhaleni zezihlalo lapha. Liphethwe yinkathazo yenhliziyi. Ngethamba ukuthi alikugeji. Nkulunkulu, ngitshela ukuthi lingubani. Lingu Nkk. Fitzgerald. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Ungabanakho ukuphiliswa kwakho. Phakamisa isandla sakho. Ngiyisihambi kuwe. Kunjalo na? Inkathazo yakho yenhliziyi isihambile. Lelo yigama lakho na? Kunjalo. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami.

²⁹⁵ Inenekazi elihlezi emva kwakho ngqo, linenqwaba yokukholwa manje. Linekhadi lomkhuleko esandleni salo, kodwa inenekazi liyagula. Futhi ngoba NguMoya oNgcwele, lokho kuKhanya kulenga ngqo ngale kowesifazane okwamanje. Liphethwe yi... Linethumba entanyeni yalo. Futhi linesisu esiwile. Kunjalo, akunjalo na? Beka nje ikhadi lakho lomkhuleko kwiphansi lendlu, awusalidingi. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa.

²⁹⁶ Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Niyabo? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi.

Nansi indoda khona lapha emuva, inethumba.

²⁹⁷ Niyabo, lowodeveli, ucabange ukuthi uzokugeja ngaleyonkathi. Kunendoda ehlezi ngapha ngqo, enethumba. Ithumba lisemhlane wayo. Angiyazi indoda. Angikaze ngiyibone. Iyisihambi kimi uqobo. Kodwa ngenkathi ngibona lowodeveli ephuma lapho, lelothunzi elimnyama; futhi khona-ke ngikubonile kuphumela ngaphandle ngalendlela, kuye kulo, ngesihawu. Bazama ukubuthana ngapho. USathane ucabange

ukuthi uzokugeja lokho, niyabo, ngizokugeja. Kodwa iNkosi ingikhombise khona.

²⁹⁸ Indoda ehlezi khona lapha, inethumba emhlane wayo, futhi igama layo uMnu. Carson. Uma lokho kunjalo, phakama ngezinyawo zakho, futhi uphiliswe eGameni likaJesu Kristu.

²⁹⁹ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yibani nokukholwa. Uma ni . . .

³⁰⁰ Nangu owesifazane ehlezi lapha. Unenkathazo yenso. Unokunhlobonhlobo. Igama lakhe nguNkk. Byrd. Kunjalo. Ngabe lelo yigama lakho, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe, yileyonkathazo obunayo na? Uma kuyiyo, yima ngezinyawo futhi wemukele ukuphiliswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu.

³⁰¹ Hamba ubuze labobantu. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ani—aniqondi ukuthi uBukhona baKhe bulapha na?

³⁰² Leyo bekuyindodana yami ingitshela, “Kungcono ungaqhubeki.” Niyabo, nginomhlangano kusasa, futhi kusasa, futhi kuqhubeke futhi kuqhubeke, niyabo.

³⁰³ Ngiphosela inselelo noma yimuphi owesilisa noma owesifazane phakathi lapha ukuba akholwe. Ubungeke ukufihle ukuphila kwakho uma ubunakho manje, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Yilokho impela iNkosi yethu eyakwenza. Yilokho impela Akuthembisa ezinsukwini zokugcina. Yilokho impela okwenzeka ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe. Yilesi impela isibonakaliso sokugcina esizofika ebandleni. Silapha manje esikhathini sokugcina. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁰⁴ Ubani inombolo yekhadi lakho lomkhuleko na? [Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Kulungile, ngizonitshela ukuthi yini okuzoba kuhle ngokwedlula konke, asithathe abantu ngezigaba. Uthi kunamakhadi omkhuleko amaningi. Manje niyabo uNkulunkulu ulapha.

³⁰⁵ Manje ngabe bakhona yini abefundisi na? Lokho kulungile, Mfowethu Vick na? Ngabe bakhona abefundisi abalapha, abazalwane na? Manje ngibeka izandla phezu kwalababantu, angifuni labobantu bahambe, bathi, “UMfowethu Branham wenza lokhu.” Niyabo? Ngi—ngingumfowenu nje. Umelusi wenu unelungelo nje kakhulu impela ukukhulekela abagulayo njengoba ngenza.

³⁰⁶ Angahle angabinaso lesisiphiwo; qhabo, akanaso, niyabo. Munye kuphela ezweni, ngesikhathi. Yilokho impela iBhayibheli elakusho, niyabo. Kunjalo. Futhi, lokho, manje qaphelani.

³⁰⁷ Kodwa umelusi wakho ugcotshwe nguNkulunkulu, uma eyikholwa, ukukhulekela abagulayo. Futhi ngicela abanye benu bazalwane abangabefundisi ukuba nize lapha futhi nime nami sisakhuleka; makuthi abanye uNkulunkulu-, abefundisi

abagcwaliswe nguMoya okholelwa ekukhulekeleni abagulayo, kanye noMfowethu Vick, uMfowethu Boze. Uphi uDokotela Lee Vayle nabanye babo abazoza lapha, ukuze ukuthi . . . IBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso . . .”

308 Asime khona lapha, bazalwane. Kanjani khona lapha na? Wozani khona lapha. Yebo.

309 “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi siseBukhoni bobuNkulunkulu bukaKristu na? [“Amen.”] Amen.

310 Bengifuna nje ukuba nibone. Ngoba ngikhulume ngendlela engiyenzile, bekungokwenhloso, niyabo, noma inhloso isebenze kahle. Izinto ezinkulu zilungela ukwenzeka, uma nje nizokukholwa.

311 Manje ngizonitshela ukuthi ngifuna nenzeni, bazalwane. Ngifuna nizehlukhanise ingxenye ohlangothini olulodwa, futhi nengxenye kolunye, nenze okufana nendlela encane engumhume edabula lapha, ukuze abantu beze. Ngehla nani ngqo.

312 Ngizocela umunye ongumholi wamaculo, ozoza lapha, ongahola amaculo. Ngifuna ukwehlela lapho futhi ngikhulekele abantu. Umuntu ongama lapha futhi aqondise abantu ozokhulekelwa. Ngiyabonga, kwaya, ngokusipha . . . Lokho kuhle kakhulu ngani, nisipha leyondawo ukuba size kanjalo. Kulungile.

313 Akuthi abefundisi bashaye umugqa kanje, kahle. Phendukani, nibhekane, niyabo, *kanje*, nanjengomfowethu nami. NjengoBilly nami lapha, nime kanje, omunye nomunye.

314 Manje bangaki onamakhadi omkhuleko ngakulelicala na? Asibone izandla zenu. Kunesibalo impela. Ngicabanga ukuthi bekungangcono kunakho konke uma besingabadedela baphumele ngakulelicala, bese behla ngqo ngasecaleni, ngapha. Manje ngaphambi kokuba ni . . . Kodwa asidedele ingxenye yokuqala yomugqa enamakhadi, mabashaye umugqa khona ngapha, futhi sizozala ukukhulekela abagulayo, futhi sibeka izandla phezu kwabo.

315 Angazi ukuthi bangaki lapha, kulobubusuku, lokho ku—lokho kulungile futhi kuhle, futhi nikhathalele yini kulababantu ukuba basinde na? Phakamisa isandla sakho. Impela, ukhathalele. Manje khumbulani, nizokhuleka yini nami na? Khulekani nami. Manje khulekani nomelusi benu.

316 Manje kini bantu abagulayo ozoshaya umugqa futhi akhulekelwe lapha. Khumbulani, uma uza udabula kulomugqa, nalababefundisi nami uqobo sinithinta, khumbulani, kuyisenzo nje ngokufanayo nje njengoba wabhaphathizwa. Nizile, ninezandla zibekwe phezu kwenu, ngabefundisi abakholwayo,

ukuthi, uNkulunkulu wethembisa ukuthi, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Lawa indoda eza lapha ukufakaza ukuthi ayakholelwa kulenkonziso. Futhi eza lapha njengabahlanganyeli kuyo, nathi ndawonye. Sonke sikuzwana kunye. Sisendaweni eyodwa ngesikhathi esisodwa. Sekuyisikhathi manje sokuphiliswa. Kodwa, uma ningakukholwa, ningezi, ngoba ngeke kunisize ngalutho. Niyabo, nizofanele nikukholwe. Manje niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³¹⁷ Manje asikhothamise amakhanda ethu nje okwemizuzwana embalwa nje. Futhi sizoculela phansi manje. Wonke umuntu ikhanda lakho likhothame. “Nkosi, ngiyakholwa,” *Kholwa Kuphela*, manje sonke kanyekanye. Asibengabakhulekayo manje, niyabo.

³¹⁸ Akesicabangele sibona uJesu ehla evela entabeni. Jesu muni na? Lowo Jesu ofanayo olapha ngesimo sikaMoya oNgcwele. Ofanayo owaziyo ukuthi kukhonani enhliziyweni yakho, noma ukholwa ngempela noma qha. Ofanayo owazi konke ngawe, okutshela ubusuku nobusuku. NguYe. Niyazi bekungebe yimi.

³¹⁹ Futhi manje emva koBukhona baKhe—baKhe... Manje, owesifazane omncane ongumSirofenike, khumbulani, emva kokuba esengene eBukhloneni bukaJesu, wayesalokhu enenkathazo. Nizoba nenkathazo. Uma niza ngalomugqa, ngifuna nina, ngamunye, ukuba nikholwe ukuthi nizophiliswa. Uma ningakholwa, ningangeni. Ninga—ninga nje ningathathi indawo yabanye. Hlalani lapho nize nibe nokukholwa okwenele ukuthi nizophiliswa, futhi manje-ke uNkulunkulu uzonipha khona.

³²⁰ Manje labo abangakwesokudla sami lapha, shayani umugqa ngale ngasecaleni, ngenkathi bonke abanye bethu sisacula elithi *Kholwa Kuphela*. Wena onekhadi lomkhuleko, abanye babafana bazobe bemi Lapho ukwemukela ikhadi lakho omkhuleko lapho ungena emgqeni, ngale kulelicala, icala langakwesokudla. Phumela ecaleni langakwesokudla uma kungenzeka uphumele, ngoba kuzobadida, beqala *ngapha*. Ningeke nabuyela emuva. Nizofanele nize *ngapha*, niyabo; nizofanele nize ngendlela eyodwa, nihambe nizungeze. Uma nina bazalwane nizovele nje—nje nihlehlele emuva lapho bese nibadedela beze ngapha. Kungokuncanyana, kungabonakala kuthi ukudida kancanyana, ngenxa yokuthi kunelingaka—i—iqembu labantu ukuba linakekelwe. Kodwa manje bhokisisa indodana yami, uBilly Paul, bhokisisani abangenisi lapho; bazonitshela nje ukuthi kwenziwa kanjani, angeke kubekhona nakancane odidekile. Khona-ke niyabo, ngakulelicala, lapho nedlula ngomugqa womkhuleko, khona-ke uzobuyela ngqo esihlalweni sakho. Sizobe-ke sesithatha leli elinye icala, futhi bazovela *ngapho*, futhi beze bedlule, niyabo.

321 Manje sizoma lapha, njengapha nangapha, umugqa, kusukela ecaleni elilodwa kuya kwelinye, futhi sibakhuleke. Kulungile.

322 Manje ngikhulwa ukuthi uma nina bazalwane nizogudlukela phansi kancanyana nje, ukuze lababafowethu lapha bakwazi ukungena ngqo lapha, ukuze sonke sikwazi ukubeka izandla phezu kwabagulayo. Lokho kuhle nje.

323 Manje lalelani, bazalwane, ngamunye wenu manje. Ngamunye wenu bazalwane, niyakuqonda yini enikwenzayo, niyabo, niyayazi indawo eyisikhundla uNkulunkulu anifake kuyo na? Manje lokho kuphosela inselelo ukukholwa kwenu. Khumbulani nje ukuthi uzokholwa ukuthi wonke umuntu omthintayo, wena, uzosinda. Bazofanele bakwenze nje. UNkulunkulu washo njalo. Ngizobathinta, nani, futhi ngikhulwa ukuthi babuyela emva besindile. Anikukholwa lokho na? [Abazalwane bathi, “Amen.”—Umhl.] Asibe nezwi nje lomkhuleko phakathi kwethu uqobo, ngenkathi bonke abanye benu beqhubeka futhi beshaya umugqa, sizokhulekela isimo sokukholwa kwethu uqobo.

324 Baba waseZulwini, kunabantu abaningi abagulayo lapha. Nabanye babo, Nkosi, basakhulwa ukuthi bafanele babenezandla zamalunga zibekwe phezu kwabo. Kulungile, Baba. Siyazi ukuthi Wena wafundisa lokho. Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Wakwethembisa, nabantu bayasikhulwa isithembiso sabo. UBukhona baKho bulapha. Akekho ongangabaza lokho, Nkosi. Futhi nampa abefundisi baKho abagcotshiwe bemi lapha, begcotshwe nguMoya oNgcwele, inkonzo yokukhulekela abagulayo.

325 Manje, Nkosi Nkulunkulu, makuthi wonke esimthintayo, kulobubusuku, aphiliswe. Sikhuleka umkhuleko wokukholwa walaba manje. Sizokholwa, lokho, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwabo, bazosinda. Amen. Simisele, Nkosi. Susa isono sethu nobubi bethu—bethu. Sihlambulule ngeGazi leNkosi uJesu Kristu, ukuthi sizo. . . Izandla zethu azingcwele. Kuphela ngobungcwele baKho sivunyelwa ukuba senze lokhu. Ngakho siphe khona, Nkosi, njengoba ngizinikela mina, nalesisigejane sabafowethu, ukuthi silapha ukusiza lababantu ukuba baphiliswe. Siphe khona, Nkosi.

326 Futhi manje ngikhulekela abantu, ngamunye oza ngomugqa womkhuleko. O Nkulunkulu, beza sengathi bebezela umbhaphathizo wamanzi, beza ngqo etafuleni leNkosi, beza phansi kwesiphambano saseKalvari. Njengoba bedlula lapha, kwangathi bangaqonda ukuthi uKristu ongabonwayo Omi phakathi kwalababazalwane, emi lapha manje ukubapha

umvuzo wokukholwa kwabo. Futhi ngikunikela konke kuWe manje, Baba, eGameni likaJesu Kristu.

³²⁷ Manje ngifuna wonke omunye, nikhothamise amakhanda enu. Lalelisisani manje eziyalweni zenu. Uma ningalaleli, nizishayelwa ngumoya nje, niyabo. Manje khumbulani, uma uNkulunkulu ezongivumela ngazi izimo nokunye nokunye, futhi nikukholwe lokho, niyabo, manje thathani izwi lami nje, nizofanele nikholwe ukuthi lokhu kuyakuxazulula. Uma kungakuxazululi, kungahle kunenze nibe babi kakhulu. Niyabo, kuxazulula yonk'into! Uma unesono empilweni yakho, suka emgqeni bese usivuma. Futhi ungangeni emgqeni uze ukuba usukhuleke waqeda. Futhi uma uzosebenzisa impilo yakho ngenye into ethize ngaphandle kwenkazimulo kaNkulunkulu, ungangeni emgqeni. Niyabo? Uma usulungele ukwenza ukuzinikela kuKristu, wazinikela ngokugcwele, futhi wakhohiseka ngokugcwele ukuthi lona nguJesu Kristu, loMoya oNgcwele omkhulu lapha; nokuthi uzokwemukela ukuphiliswa kwakho uma wedlula ngalomugqa, akunandaba noma ngabe uzwa okwehlukile, noma ini, uzoba ngophikelelayo ukubambelela ngqo ezithembisweni zikaNkulunkulu kuze kufike ukunqoba, njengalowo wesifazane ngaleyonkathi esikhulume ngaye. Nizwa ngaleyondlela, zethameli na? Uma nizwa, phakamisani isandla senu, nithi, "Ngiyakuvuma lokho." [Ibandla liyajabula—Umhl.] Angiboni sizathu sanoma ubani ephuma lapha egula, kulobubusuku.

³²⁸ Manje ngifuna wena, ongekho emgqeni, ukuba ukhuleke. Ngiqagele uMfowethu Joseph uzoma lapha ukuba ahole ukucula, futhi ngizokwehlela lapha, ukuze ngikhuleke, nami, futhi ngibeke izandla phezu kwalababantu njengoba bedlula.

³²⁹ Manje bukani, bangani, izinkonzo zizoba kusasa ebusuku. Asazi ukuthi kuzokwenzekani, omunye ephiliswa, futhi edazuluka futhi edumisa uNkulunkulu, kanjalonjalo. Singahle singakutholi ukukhishwa ngokusemthethweni isikhashana manje, kodwa ngiyacela hlalani futhi nikhuleke nathi. Sinidinga khona manje. Khulekelani ukuthi isitha asizukukwazi ukuminyanisa noma yikuphi ukungabaza engqondweni yalababantu. Ukuba-ke lowo bekungumama wakho emi lapho, udadewenu, umkakho, umyeni wakho, ingane yakho na? Ubuyofuna umuntu othize akhuleke ngobuqotho ngempela. Khumbulani, ngumama womunye umuntu, udadewabo womunye umuntu, umfowabo, umntwana womunye umuntu, futhi sifuna ukuba qotho ngalokhu.

³³⁰ Futhi uma sikhuleka, ngifuna nina besilisa, ngayoyonke inhliziyo yenu, uma nibeka izandla zenu phezu kwalaba abagulayo, nikholwe ukuthi uNkulunkulu uzomenza asinde lowomuntu, ngoba bazokukholwa.

³³¹ Futhi manje, phakathi kwamanje nasebusuku kusasa, ngani, ngaphambi kokuba ngize emsamo, kusasa ebusuku, kuzofanele kube nezintathu noma izimfazazo ezingamakhulu amane ezizobakhona lapha, zokuthi, “Bengifake izinduku zokugqugela. Benginjalo, futhi angisenazo. Bengigula, angisaguli.” Phakathi kwamahora angamshumi amabili-nane elandelayo, odeveli bazobe besuka kulendawo, futhi ngoba izibusiso siyamenyezelwa phezu kwalababantu.

³³² Manje asikhothamise amakhanda ethu njengoba sikhuleka, ngamunye njengoba bedlula ngomugqa manje. Bazalwane, nje nibeka izandla zenu phezu kwabagulayo. Kulungile.

³³³ [UMfowethu uBranham wehla nabefundisi, futhi ukhulekela abagulayo. UMfowethu Joseph Bose uholo ibandla ngokucula. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

³³⁴ Anikuzwa khona manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki okholwayo ukuthi niyaphiliswa na? [“Amen.”] Nedlula ngomugqa womkhuleko lapha, isikhathi ngesikhathi ngesikhathi, kwenzeka khona lapha, lokho, bengakasuki emsamo, ngikholwa ukuthi ngamunye wenu nizosinda. O, ngi—ngiyakukholwa. Ngikwemukelela nina. Ukukholwa kwami kuhamba nani, ukuthi bazosinda. Niyakukholwa lokho, bazalwane na? [“Amen.”] O, he, Akamangalisi na!

³³⁵ Asithi njengamanje sicule indumiso kuYe singakakhishwa. Bese kuthi-ke asiphakamise izandla zethu nje, futhi siziphakamisele phezulu. Futhi, khumbulani, sesiqedile, ngesiphambano, futhi yilapho esithole khona ukukhanya.

Esiphambanweni, . . . kuqala ngabona
ukuKhanya,

Nomthwalo wenhliziyo yami wagingqika,
O, kwakulapho ngokukholwa engabona khona,
Futhi manje ngijabule usuku lonke!

Esiphambanweni, esiphambanweni lapho
engaqala khona ukubona ukuKhanya,
Nomthwalo wenhliziyo yami wagingqika,
Kwakulapho ngokukholwa engabona khona,
Futhi . . .



ISINEKE ZUL63-1116E
(Perseverance)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa ngo Novemba 16, 1963, eMarc Ballroom eNew York, eNew York, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org